


# INDODA ENESIHLUKU

## KUNAWO ONKE ESANTA MARIA

 Ngiyabonga, Mfowethu. Asibe silokhu simile umzuzwana nje manje sezenzele umkhuleko. Futhi ngibona abaningi benu bakhuphula amaduku ukuba akhulekelwe. Manje, si—siyakholelwa kulokho. Ezinye zezinto ezinkulu kunazo zonke okufanele zenzeke kulezizinsuku yinkonzo yomhlaba wonke yokukhulekela amaduku. Kwenzeka izinto ezinkulu, futhi sijabule kakhulu ngakho. Sihlala sijabulela ukwenza noma yini esingayenza ukuze sisize abanye. Futhi ngifuna wonke umuntu akhothame kanye nami manje, futhi sizonikela umkhuleko.

<sup>2</sup> Baba wethu waseZulwini, siyajabula, kulobubusuku, ukuphila, nokuba lapha enkonzweni kaNkulunkulu wethu nalesi siqinisekiso esibusisiwe sokwazi, ukuthi lapho lokhu kuphila sekuphelile lapha, singena ekuPhileni okukhulu ngale, lapho konke ukulindela kwethu kulele khona. Futhi sisekuloluhambo, Nkosi, ukugula, izinkathazo, ubuhlungu benhliziyo kulele konke endleleni. Futhi baningi abahlupheka ngalezizinto kulolusuku esiphila kulo, ethunzini lokuFika kweNkosi. Siyazi ukuthi isitha sihamba njengengonyama ebhongayo, sishwabadela lokho esingakwazi, ngoba siyazi ukuthi isikhathi saso sifushane.

<sup>3</sup> Futhi manje, abantu abaningi baye bakhuphula amaduku abo futhi bawabeka lapha ngenxa yabathandiweyo babo. Akungabazeki, phandle ngaphesheya kogwadule lapho, ndawondawo kukhona ubaba nomama omdala oyimpumputhe, olindile kulobubusuku, ukuthi iduku libuye; mhlawumbe esibhedlela kukhona othandekayo ogulayo ngempela, ingane encane eyigugu ekhaya; futhi Uyabazi bonke, Nkosi. Futhi ngineqiniso ukuthi Uzobanika isicelo sabo, njengoba ngibeka izandla zami phezu kwabo, Nkosi, ngendlela emelele yeGama likaJesu Kristu.

<sup>4</sup> Futhi siyakholwa ukuthi kwalotshwa emBhalweni ukuthi bathatha emzimbeni kaPawulu oNgcwele amaduku noma izindwangu, futhi kwakuyizimpawu zokukholwa kwabo kulowomphostoli, uzile eminyakeni eminingi edlule futhi akafi, kulobubusuku, kodwa uMoya kaNkulunkulu uhlala unjalo kulabo abakholwa okufanayo. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzonika sonke isicelo.

<sup>5</sup> Siphe inkonzo enkulu kulobubusuku, Nkosi. Kwangathi uBukhona baKho bungaqhubeka nokuba nathi. Siphe izifiso zezinhliziyu zethu, futhi siyethemba ukuthi kuzoba konke

sentandweni yaKho yobuNkulunkulu ukwenza lokhu. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

<sup>6</sup> Ningahlala phansi. Isikhathi e—esimnandi kanje senhlanganyelo, kulokhu ukusa, e—isidlo sasekuseni, isidlo sasekuseni sabefundisi. Ngajwayelana nabanengi babazalwane engangingazange ngibazi ngaphambili, futhi ngithole ukuthi, usihlalo wethu lapha wayengowase-Arkansas.

<sup>7</sup> Futhi bangitshelile uma ukhipha bonke abase-Arkansas nabase-Oklahoma eCalifornia, awusasele nalutho ngaphandle kogwadule, ngakho, ngakho ngithi ukukukholwa. Bangaki lapha abavela e-Arkansas noma e-Oklahoma, oyedwa na? Bonisa... Ngi—ngicabanga ngempela ukuthi lokho kunjalo. Awu, ngicabanga ukuthi ezinye zezinhliziyi ezindala zeqiniso ezake zashaya zingaphansi kwalawo mahembe amadala ase-Arkansas, nabase-Oklahoma.

<sup>8</sup> Ngithi ukubambelela kancane e-Oklahoma. Umama wayevame ukuhlala e-Oklahoma, eTulsa, lapho eseyintombazane. Futhi—futhi e-Arkansas kwaba ngenkathi mina, okokuqala, ngaqala emihlanganweni kwakusezansi eJonesboro, naseMoark, naseTexarkana, nasezansi eRobinson Memorial Auditorium e—eLittle Rock, kukhuphukele e-Hot Springs, futhi, o, eziningi zalezozindawo lapho, iDolobha lase-Oklahoma, iTulsa, nabanye abantu abahle kunabo bonke.

<sup>9</sup> Futhi ngiyakhumbula ngenkathi siya eJonesboro, kwakungomunye wemihlangano yami yokuqala emikhulu emva kokusuka eSt. Louis, nentombazane encane yakwaDaugherty yaphulukiswa, okwayishukumisa yonke iSt. Louis. Lapho sasinezinkulungwane ezingamashumi zabantu zibuthene.

<sup>10</sup> Ngaya e-Arkansas, futhi kwakungokokuqala ekusakazeni, ukuthi ngake ngaba sekusakazeni. Nephepha labalula, ngiyakholwa, kwakukhona abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nesishiyagalombili ababethamele umhlangano. Babevela ezweni lonke, amamayela angamashumi amane ukuzungeza wawungekwazi neze ukuthola indawo kodwa okwakunamatende nakho konke kubekiwe, abantu nabantwana babo belele ngaphansi kwamaloli amadala kakotini futhi bebambe iziqephu zezindwangu phezu kwabo ngenkathi lina.

<sup>11</sup> Angibukhohlwa neze ubusuku obubodwa lapho. Ngiyazi ukuthi angifuni ukuqalisa ngobufakazi kulobubusuku. Nginga... Ngivela... Ngabatshela ukuthi ngangizobakhulekela bonke ngaphambi kokuba bahambe, kodwa ngempela kwadingeka ngikuhoxise, bona... bebaningi kakhulu, awukwazanga ngisho ukusondela e... futhi kwaqhubeka nje kwanda futhi kwanda. Umudwa ubuyoba amabanga ezindlu zasedolobheni.

<sup>12</sup> Futhi ngiyakhumbula ngobunye ubusuku ngaphuma ukuyokhulekela omunye. Bebehlile bevela...Ngalokho kusa ngakhuleka ubusuku bonke ngalobobusuku ngimile, ngehla, angibange ngisakwazi nokuma, futhi ngiguqe ngamadolo nje, ngibakhulekela lapho bedlula.

<sup>13</sup> Futhi kwakukade kukhona umkhandi wezicathulo, oyimpumputhe, ovela phezulu ndawana thize ngaphezulu, ngiyalikhohlwa igama ledolobha manje, eduze kwaseJonesboro, cische amashumi amathathu, amamayela angamashumi amane, wayeseyimpumputhe iminyaka, noMoya oNgcwele wawummemezele engophulukisiwe. Futhi wazungeza, wabuya wangena emgqeni futhi, wathi, “Wena ushilo, Mnumzane, ngiphulukisiwe, amehlo ami awavulekile.”

Ngathi, “Lokho akuhlangene nakho, ungitshela ukuthi uyangikholwa.”

Wathi, “Ngiyavuma.”

Ngathi, “Pho kungani ungibuza na?”

Futhi ngakho, wathi...waqhubeka; futhi ngathi yiba ulokhu uthi, “Mayibongwe iNkosi ngokubona kwami.”

<sup>14</sup> Futhi wayegoduka ngalokho kusa, cische ngehora lesihlanu, eshayelwa, ngikholwa ukuthi kwakuyindodana yakhe, nge—imoto endala iModel A, futhi ekhuphuka ngomgwaqo. Futhi wayehlezi esihlalweni esingemuva ethi, “Mayibongwe iNkosi ngokubona kwami,” futhi amehlo akhe avuleka. Futhi wathi nje ukwethusa izwe lonke.

<sup>15</sup> Futhi ngakho, wagijima wangena ebandleni eliKatolika ngalokho kusa nesigqoko sakhe ekugcineni kodondolo lwakhe, ekuzungezelisa *kanje*, edumisa uNkulunkulu ngokuba nokubona kwakhe. Wase-ke ewelela ebandleni leMethodisti, futhi babezombophela ukuphazamisa ukukhonza. Akubukeki njengokuthi lokho bekuyo, kwaphazamisa noma yini, kodwa—kodwa kwakuyokwenza...

<sup>16</sup> Ngakho ngalobobusuku, ngangisanda kuchusha ukuba ngingene emsamo, ngase ngibona abanye abangenisi bengiqhweba, futhi kwakukhona umshayeli lapho, wathi, “Nginohambo olwengeziwe olubili okufanele ngilwenze namhlanje kusihlwa, ngiletha abantu abavela esibhedlela.”

<sup>17</sup> Ngaphumela ngaphandle ukuba...ngaqeda ukukhulekela abanye...owesifazane wayephandle lapho owayekhona, babecabanga ukuthi wayebulawa umdlavuzi. Futhi wayethengise amajikijolo amnyama ayewafake ethini ukuze athole i-ambulensi imehlise, umyeni wakhe ayenawo. Kuthi akube yilokho kuphela ababekushiyile, benza izingubo zokulala ezithungwe sakuchibiyelwa, futhi babenakho...wathengisa lokho. INkosi yamphulukisa, wasukuma waphuma ku-

ambulensi, waphuma ngemuva, waqhubeka wangena, wazama ukuya emhlanganweni.

<sup>18</sup> Futhi angibange ngisakwazi ukubuyela emnyango futhi, kwakukhona abaningi ababenqwabelene lapho ukuthi, cishe ibanga *lalokhu*, izindonga kuya odongeni, futhi angikwazanga ukuputsha ngidlule. Futhi kufika omunye wabangenisi, wathi, “Sizokulanda ngemuva kwesakhiwo, akekho okwaziyo.”

<sup>19</sup> Ngibe lapho cishe izinsuku eziyisishiyagalombili noma eziyishumi, futhi akekho okwamanje obe—obe... Abaningi babengenile endaweni. Babehlala lapho imini nobusuku, belindele ithuba labo. Ngakho-ke ngajikela ngemuva, futhi ngiyakhumbula iqala, isithe ukuqala ukuna, futhi angikwazanga ukufuzula indlela yami ngidlule esixukwini neze, futhi ngizama ukuya emnyango ongemuva lapho abangilanda khona ukuze ngifike emsamo futhi.

<sup>20</sup> Bazalwane abangamakhaladi, bodade kulobubusuku, ningixolele ngalokhu kuphawula, nendlela engizokusho ngayo. Kodwa kwakunjalo, ngalezozinsuku, babesenohlobo oluthile lomnyakazo wokwehlukana e-Arkansas. Ngakho ngaqala ukungena, futhi ngezwa i... othile ebiza uyise, futhi ngabheka, kwakuyintombazane eyikhaladi ebukeka kahle, yayiyimpumputhe. Yayifuzula indlela yayo ngapha nangapha idabula esixukwini, ikhalela uyise. Futhi mina... Akekho owayenaka inenekazi eliselincane.

<sup>21</sup> Futhi akekho owayengazi, ngakho ngaqala ukufuqa *kanje*, futhi mina... abanye abafu bemile nje bexoxa. Kwakukhona amabhasi amaningana aqashiwe emi lapho avela ezindaweni ezahlukene zezwe. Kwakukhona umfo emi lapho, eqopha umfanekiso, ekhuluma, futhi ngazama ukufuqa eduze kwakhe.

Wathi, “Yeka ukufuqa.”

Futhi ngathi, “Yebo, Mnumzane.” Futhi ngakho ngaqala ukufuqa futhi.

Futhi wathi, “Ngithe, ‘Yeka ukufuqa!’”

Ngangesaba ukuthi wayezoqala ukufuqa, ngakho ngathi, “Uxolo, Mnumzane.” Ngakho ngazungeza ngale enye indlela.

Futhi ekugcineni, ngangena emgqeni waleyo ntombazane. Kwakuzwakala njengomzencisi ukwenza lokho, kodwa ngafika ngqo lapho eyayifuqa ngakhona.

Yayisithi, “Othile makangisize. Othile makangisize.”

Futhi ngangilokhu ngiqhubeka nje, niyazi, yaze yazithela kimi.

Yathi, “Uxolo, *Su*.”

Futhi ngathi, “Ufunani?”

Yathi, “Ungangisiza ngithole ubaba wami?”

Futhi ngathi, “Ufunani ngobaba wakho na?”

<sup>22</sup> Yathi, “Awu, ngiza ngapha ukuzobona *ophulukisayo*.” Futhi wathi, “Bangitshela ukuthi angikwazi ngisho nokusondela eduze kwesakhiwo. Futhi ngilahlekelwe ubaba wami—wami, futhi angiyitholi indlela yami yokubuyela ebhasini.”

Ngathi, “Uvela kuphi na?”

Futhi yathi, “EMemphis.”

Ngase ngibheka, futhi ngibone ibhasi eliqashiwe, ngacabanga ukuthi ngingabuyisela intombazane lapho, mhlawumbe. Ngakho ngathi, “Uza ukuzobona *ini*?”

Yathi, “*Ophulukisayo*.”

<sup>23</sup> Ngase ngithi . . . Ngicabange ukuthi ngizovele ngiyibuze nje, ngibone ukuthi ukukholwa okunganani eyayinakho ngempela. Manje, lokho kuzwakala njengomzenzisi entombazaneni empofu eyimpumputhe. Kodwa ngathi, “*Ophulukisayo* na?”

“Yebo, mnumzane.”

<sup>24</sup> Futhi ngathi, “Awusho ukuthi ukholelwa entweni enjengaleyo, njengosuku olunjengalolu, lwesimanje njengoba siphila namuhla, nodokotela abayinqwaba nokunye nokunye na? Futhi ungitshela ukuthi uzoya ukuzwa into enjalo na?”

Yathi, “Mnumzane, abakwazi ukungisiza.”

Futhi ngathi, “Ngiyabona.” Ngathi, “Noma yini ekunika umbono wokuza lapha?”

<sup>25</sup> Ithi, “Ngilalela umsakazo, nazo zonke izinhlelo ezinhle.” Futhi yathi, “Bengizwa ngilapha eFayetteville,” kulapho leyondoda yayivela khona, eFayetteville. Yathi, “Ngizwe ukusakazwa okuvela eFayetteville,” futhi yathi, “indoda eyayiyimpumputhe, umthungi wezicathulo, uthole ukubona kwakhe lapha kulokhu ukusa.” Futhi yathi, “Sihlangane sonke seza ngebhasi eliqashiwe.” Futhi yathi, “Ungangisiza ngibuyele emuva na?”

Ngathi, “Yebo, Memu. Kodwa,” ngathi, “okokuqala, ucabangani ngalokho na?” Ngathi, “Awukholwa ukuthi umuntu angakwazi ukwenza lokho na?”

Yathi, “Qhabo, mnumzane.” Yathi, “Kodwa uJesu angakwenza.”

Futhi ngathi, “Mm!” Futhi ngi—ngathi, “Awu, lalela, uyakukholwa ngempela lokho na?”

<sup>26</sup> Yathi, “Mnumzane, ngiyakutshela okwenzayo.” Yathi, “Uma ungangisiza lapho ekhona, khona-ke ngingamthola ubaba wami ngemva kwalokho.” O, khuluma ngokukhuzwa! Yathi, “Ngisize ngiye lapho ekhona, ngizomthola ubaba wami emva kwalokho.”

Ngathi, “Nenekazi, uqonde lokho na?”

Yathi, “Yebo, Mnumzane, ngikuqondile.”

Futhi ngathi, “Mhlasimbe yimina ofuna ukumbona.”

Futhi yangibamba ngqi *kanjalo*, nezandla zayo zabamba ibhantshi lami, yayisithi, “Ngabe uwen *ophulukisayo* na?”

Futhi ngathi, “Qhabo.” Ngathi, “NginguMfowethu Branham.”

Yathi, “Yiloyo engifuna ukumbona.” Futhi yathi, “Uma ucela kuNkulunkulu, ngizomthola ubaba wami.”

<sup>27</sup> Ngayibuka imi lapho, amehlo ayo emhlophe, ecwayisa, izinyembezi zehla ezihlathini zayo, futhi ngacabanga ngoFanny Crosby oyimpumpothe:

Mawungangedluli, O Msindisi omnene,  
Yizwa ukukhala kokuzithoba kwami;  
Lapho Ubabiza abanye,  
Mawungangedluli.

<sup>28</sup> Niyabo? Yayizwile ngalendoda eyimpumpothe ithola ukubona kwayo. Futhi yathi udokotela wayitshela ukuthi ungwengwezi olusemehlweni ayo lufanele luvuthwe, khonake bebengayihlinza. Kodwa manje, emva kokuba seluvuthiwe, lwazisonga emthanjeni wamehlo noma okuthize, futhi kwakungasekho-themba ngayo. Futhi yathi, “Ithemba lami kuphela wukungena.”

<sup>29</sup> Futhi ngavele ngayibamba ngesandla, ngathi, “Baba waseZulwini, eminyakeni edlule kwakukhona isiphambano esidala esimahadlahadla sihuduleka phansi sidabula eJerusalema, izitaladi, sihudula imilobo eneGazi yoMthwali. Endleleni yaKhe ekhuphuka igquma, umzimba waKhe omncane, obuthakathaka, ontengentenge, wawela ngaphansi komthwalo, kwakukhona uSimoni, waseKhurene, weza waqukula isiphambano futhi waMsiza ukuba asithwale.” Ngathi, “Nangu omunye wabantwana bakhe kulobubusuku, ediyazela ebumnyameni, Nkosi, ngingeqiniso ukuthi Uyakuqonda.” Yaqala ukudumisa uNkulunkulu, yayisibona. Yilokho kuphela okwakukhona kukho. Yaba nokubona kwayo.

<sup>30</sup> Kube khona izinto ezinkulu ezenzeka e-Arkansas, sibonga kakhulu. Obuningi balobo bufakazi, izikhathi zakudala, Ngicabanga ukuthi lapho ngiwela unqeqema, ngi...babe baningi babo ngizozwa. Ngi...Ziningi nje izinto ezifika engqondweni yami ngalezozinsuku zakudala, futhi kwehle njalo kudabule eminyakeni yonke, nangaphesheya kolwandle lobufakazi noma kuphi lapho uma khona.

<sup>31</sup> Omunye, kulokhu ukusa emhlanganweni, umelusi lapha, umkakhe, uhlezi *lapha*, ubengitshela cishe izikhathi ezintathu eNkosi imbizele emhlanganweni kanjalo. Futhi welashelwa isifo seHodgkin, lowo ngumdlavuza, niyazi, usendaleni. Ngakho bona... Futhi izinto eziningi zazenzenkile.

<sup>32</sup> Omunye umfowethu, emi lapho efakaza, maduze nje, phezulu kwelinye idolobha, ngomdlavuza ebusweni bakhe

bonke, futhi uNkulunkulu wayemphulukisile. Angizange ngibone ngisho nokuklwebheka kwakho ndawo; nezinto ezehlukene, futhi konke la uya khona kubonakala kungaleyondlela.

<sup>33</sup> Manje, kulobubusuku kuzoba ubusuku bokugcina ukuthi bazobe bethengisa izincwadi nalezo zithombe ezincane. Asibona abadayisi bezincwadi, asikho lapha ukuzodayisa izincwadi. Lezi zincwadi zithengwa komunye umuntu, futhi zilethwa emhlanganweni, umngane wami omuhle uyazithengisa emnyango. Asidayisi ngeSonto, siyaluyeka lolo suku. Ngakho thina... Uma ungazithanda, noma esinye sezithombe, ngani, ungazithola emnyango lapho uphuma, uma ungakazitholi (Kusasa yiSabatha.), kanti futhi, emateyipini, ngingeqiniso kumenyezelwe lapha.

<sup>34</sup> Manje, kulomhlangano, angizange ngizame ukushumayela, ngoba bengazi ukuthi lesi bekuyisikhathi sami sokuqala lapha; ngizamise ukuKwenza kube lula nje njengoba Kungaba njalo. Kodwa iNkosi isinikeze eminye imilayezo emikhulu, amakhulu namakhulu ayo aseteyipini, njenge*Minyaka YeBandla EyisiKhombisa*, *U—U—Ukuqala KweMbewu*, ne *I, o, IWundlu NeJuba*, nethi *Phansi ENkazimulweni YaKhe*, na—nazo zonke izinhlobo ze—zemiyalezo e—e—e... Ngicabanga ukuthi iNkosi ibusisile. Futhi banayo lapha, futhi nina enineziqophi zamateyipu beningabona nje uMnu. Maguire lapha, futhi nijabulele ukuwathola.

<sup>35</sup> Futhi bengitshela umelusi namhlanje, asifuni neze ukubeka noma yiyiphi ingcindezi ngasemalini. Ngineminyaka engamashumi amahlanu-nantathu ubudala, bengishumayela iminyaka engamashumi amathathu-nambili, futhi nginomnikelo wami wokuqala ukuba ngike ngiwuthathe namanje. Angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, futhi a—angikwenzi nje. Mina nje... Lapho izindleko seziqediwe, lokho kuyakuxazulula.

<sup>36</sup> Ngisibonile isikhathi esasithatha ubusuku obubili, sithatha iminikelo, nesikhathi lapho wawungadlulisa khona ibhokisi lenkongolozelo futhi uthole amadola ayizinkulungwane eziyisikhombisa, bese kuthi-ke lapho nje izindleko sezikhokhiwe, angibavumeli ukuthi bathathe enye indibilishi, yilokho kuphela. Angikholelwa nje ekukwenzeni. Futhi ngisho noma nini ukuthi izindleko akukahlangatshezwana nazo, vele ungazise, ibandla lami ekhaya lizohlangabezana nokusele kwakho.

<sup>37</sup> Futhi sifuna nazi ukuthi asikho lapha ukuzothatha imali. Asikho lapha ngalutho ngaphandle kokuzama uku—ukuhlanganyela kanye nani, nokwenza imithwalo ibe lula kancane, futhi sikhulekele abagulayo, futhi senze konke esingakwenza ukunisiza siselapha.

<sup>38</sup> Futhi manje, kusasa yiSabatha, futhi manje, nina bantu enivakashela lapha, kukhona amabandla amahle amakhulu ngalapha. Nampa abelusi bawo futhi... behlezi lapha. Manje, thamelani amanye amabandla abo, bangamadoda kaNkulunkulu, bayakholelwa kulenkonzolo. Futhi bangamahlelo ahlukene, kodwa thina asi, lapho sekufika ekuhlanganyeleni noKristu, asidwebi noma yimiphi imigoqo yehlelo, sivele sihambe ndawonye.

<sup>39</sup> Ngagcotshwa ebandleni elilodwa, iMissionary Baptisti, angikaze ngigcotshwe kunoma yini enye. Futhi ngisanda kufika nje phakathi kwabantu njengomfowenu, ukuba ngime futhi ngihlanganise, he, o, indlela ephakathi kobuzalwane. Ukuba bengingabona lonke ibandla livele likhohlwe okwalo, ngomgoqo walo wehlelo, futhi lingene nje njengobuzalwane obukhulukazi, ngingasho njengoSimeyoni wasendulo, “Nkosi, inceku yaKho mayihambe ngokuthula, ngokuba amehlo ami abonile insindiso yaKho.” Kunjalo. Lapho sonke singahlangana kanjalo, mina... yilokho ebengihlale ngikulwela.

<sup>40</sup> Manje, asifuni ukunigcina isikhathi eside kakhulu. Ngakho wena... Ngingebe nandaba ukuthi uphuthelwe umsebenzi wosuku, uyazi, phakathi nesonto, kodwa angifuni impela niphuthe kuSonto sikole ekuseni. Manje, ningakwenzi lokho. Ngakho ngizonikhipha kusenesikhathi ngokuqinisekile ngokwanele kulobubusuku, ukuze niqiniseke ukuthi nifika kuSonto sikole ekuseni. Futhi leso yisikole esikhulu kunazo zonke emhlabeni.

<sup>41</sup> Futhi manje, ngifuna ukunitshela okuthize ngoSonto sikole: Akulungile ngempela ukuthumela abantwana benu kuSonto sikole, niyakwazi lokho, bathatheni. Kunjalo. Yebo, thina... Omncinyane...

<sup>42</sup> Ngibone umfanekiso ohlekisayo ikhathuni encane ephapheni, kungekudala, bekumangalisa. Kwafika umfana omncane emnyango, waye... wakhombisa igumbi lokulala likanina noyise, amabhodlela ebekwe phansi, nezingamu zikagwayi kuyo yonke into. Futhi kwakusekuseni kakhulu, ngehora lesishiyagalolunye, nomfanyana wayesevele evukile, wazigeza, futhi—futhi wakama izinwele zakhe, wagqoka izingubo zakhe, wangqongqoza emnyango, wathi, “Yeyi, ubani ozongiyisa kuSonto sikole na?” Nakho-ke. Ungaleyondlela nje umkhuba waseMelika. Akukubi kabi na?

<sup>43</sup> Ucabanga ngabantu basimanje baseMelika. Kwenzenjani? Awu, ubabayi uphansi esitolo sokubheja ngemali, nomama uphumile nenhlangano yezilwane ezifuywayo ndawana thize, ogwini lolwandle olunabile, indodakazi izezansi enkantini, noma ezansi emculweni wokuzibinya, uJunior unemoto yakhe yejubane yakudala phandle esitaladini, gijima... Nakho la



ukhona. Yilokho i . . . Omunye athole ihembhega, ayikho impilo yasekhaya, akukho mpilo yomkhuleko.

<sup>44</sup> Ngihlale ngisho lokhu, “Uma uqondisa . . . Lapho siphula umgogodla waseMelika, yilapho ubufazane buphukile.” Futhi ngi—ngisho lokhu ngokuhlonipha kokwesaba uNkulunkulu ngodadewethu. Kulokhukusa ngihlangane nabanye besifazane abahle kakhulu laphaya. Kodwa kwenzekeni kwabesifazane bethu na? Yini indaba ngaye na?

<sup>45</sup> Ngingene kwaClifton lapha kungekudala. Ngokunye ukusa ngangilindele uMfowethu Arganbright, sasizodla isidlo sasekuseni sabo. Nenenekazi eliselincane langena lapho, futhi ngi—ngalibuka. Futhi mina . . . Lalinenye yalokhu lapha ukugunda izinwele okuyinkimbinkimbi, niyazi, njenge—iNdluvukazi, niyazi, futhi ngi—ngicabanga ukuthi lokho kubukeka kungenabuntu. Ngase ngilibuka, futhi laliluhlaza satshani, ingxenye eyodwa yamehlo alo, nengxenye elandelayo yayiluhlaza okwesibhakabhaka, futhi ebusweni balo bonke kwakungokuthize.

<sup>46</sup> Futhi ngi—ngi—ngadabuka, ngacabanga ukuthi kwakukhona okungalungile ngalo. Futhi ngema lapho, futhi ngi—ngangizohamba ngiyolitshela ukuthi ngi—ngi—ngangiyisithunywa senkolo, ngi—ngike ngabona isifo sokudabuka kwesikhumba, ngibone uchoko, futhi ngi . . . kodwa angikaze ngiyibone into enjalo. Futhi ngi—ngangifuna uku—ukulibuza ukuthi ngangingeke yini ngilikhulekele, ukulisiza, futhi nakhu kukhuphuka enye intombazane ngendlela efanayo, futhi ngacabanga, “Awuqondile ukungitshela ukuthi abesifazane abathandekayo bebeyo, lokho ngempela i—isiphiwo endodeni, nokwesaba uNkulunkulu, futhi—futhi ubeyofuna ukuba . . . bazifhle, futhi babenze babukeke njengento ethize ephuma e . . . yawa enqoleni yabangcwabi, noma okuthize.” Ngi—ngi—ngiyamangala nje ukuthi emhlabeni bangake bayithole kanjani into enjalo.

<sup>47</sup> Nabesifazane bakithi bePentecostal benjalo, lokho—lokho kubi kakhulu; lokho ku—lokho kubi kakhulu, ngiyakudabukela, dadewethu. Kukhona ukwehlisa ndawondawo, ngethemba ukuthi akukho epulpiti. Khumbula ukuthi owesifazane ufanele abeyini, unomoya omuhle kakhulu.

<sup>48</sup> Bengikhuluma nothile namuhla. Lapho uRebeka efika ezohlangabeza u-Isaka, naqaphela ukuthi wamboza ubuso bakhe ngeveli na? Ba—basakwenza, abazi ukuthi benzani, kodwa umlobokazi umboza ubuso bakhe ngeveli. Kungani? Indoda iyinhloko yakhe. Bese kuthi-ke, akanalo . . . yena . . . yena owesifazane . . . Imvelo yowesifazane iwukuzinikela endodeni. Futhi yileso sizathu i—iBandla lifanele lembozwe ngeveli, LineNhloko, Leyo nguKristu. Yileyo indlela . . .

49 Abesifazane bafanele babe nezinwele ezinde ngenxa ye...yenhloko yakhe, okungumyeni wakhe; owesilisa ufanele abe nezinwele ezimfishane ngenxa kaKristu. Owesifazane unezinwele ezinde ngenxa yeziNgelosi. Ziyini iziNgelosi na? Isithunywa, isithunywa seqiniso eBandleni. Kunjalo. Uyohlala njalo ekwehlisa, athi akulungile, niyabo, nokunye nokunye. NeBandla, ukuba lizinikele kakhulu kuJesu ukuthi Alizisho inhloko yaLo uQobo, ubunhloko baLo uQobo. UKristu ungubuhloko beBandla, simbozwe ngeveli, asibona abethu, kodwa singabaKhe, a, sazinikela kuYe futhi Yena yedwa. Kuhle kanjani!

50 Ake sifunde umBhalo omncane manje. Ngihlala ngithanda ukufunda iZwi laKhe, ngoba izwi lami liyizwi lomuntu, liyohluleka, kodwa Lelo nguNkulunkulu, Lingeke lehluleke, aLisoze lehluleka. Lo mBhalo utholakala ngale esahlukweni se 7 sikaLuka, siqala ngevesi lama 36:

*Omunye wabaFarisi wamcela ukuba adle naye. Esengene endlini yomFarisi, wahlala ekudleni.*

*Futhi, bheka, kwafika emzini owesifazane, oyisoni, esekwazi ukuthi uJesu uhlezi ekudleni endlini yomFarisi, weza nomfuma wletha umfuma we-alabhaste wamafutha,*

*Wema ngasezinyaweni zakhe emva kwakhe ekhala, waqala ukumgeza izinyawo ngezinyembezi, wazesula ngezinwele zekhanda lakhe, wanga izinyawo zakhe, ezigcoba ngamafutha.*

*Kepha umFarisi obembizile ekubona, wakhuluma phakathi kwakhe, wathi, Lo muntu uma ubengumprofethi, . . .*

Mina ngiphinde ngifunde lokho. Manje, lalélisisani ngempela.

*Futhi kwathi umFarisi owayembizile ekubona, . . . wakhuluma ngaphakathi kwakhe, wathi, Uma lo muntu. . . Lo muntu, uma ubengumprofethi, ngabe uyazi ukuthi ngubani futhi onjani lo wesifazane omthintileyo: ngokuba uyisoni.*

*UJesu wasephendula wathi kuye, Simoni, kukhona engifuna ukukhuluma nawe. Wayesethi, Khuluma, Mfundisi.*

51 Ukuma bengizonikeza lokhu isihloko, bengizosibiza ngokuthi: *INdoda Edeleleke Kunawo Onke E . . . Sante? ESanta Ana? [Umfowethu uthi, “ESanta Maria.”—Umhl.] . . . ESanta Maria. Abanengi uSante, uSanta, uSanta phansi naphezulu lapha, ngiyabaxova bonke. Kusho ukuthini na? Ongcwele? [“UMariya oNgcwele.”] UMariya oNgcwele.*

<sup>52</sup> Awu, kumelwe ukuba wayekhathele kakhulu, lapho efika esiqongweni segquma ukuba abheke ngale ngaseGalile, ubegijima usuku lonke, futhi yena...imilenze yakhe yayinamfuzela umjuluko, ubuso bakhe babunemishwe lapho wehle khona ebusweni bakhe. Izingubo zakhe zazimanzi te zinamathela lapho ebheke phansi, futhi waphefumulela phezulu, wabona isixuku esikhulu simi ngakuMuntu othile, wacabanga, “Impela, nguye lowo muntu.”

<sup>53</sup> Niyabo, wayeye eKapernawume, wayebuzule, umuzi ngomuzi, “Ngabe indoda ewukuthi-nokuthi ibilapha ephulukisa abagulayo futhi ibizwa ngokuthi ‘uMprofethi wase—waseGalile na?’”

<sup>54</sup> Kungenzeka othile wathi, “Yebo, Ubelapha kuthangi. Kodwa besingazi lapho Eye khona, ngoba Uphumile, futhi abaningi bomuzi baMlandelile.” Imibiko eminingi evumayo nemelene naYe.

<sup>55</sup> Wayeya ngale komunye umuzi, futhi wayethi, “Ngabe indoda ewukuthi-nokuthi ebilapha ephulukisa abagulayo, futhi—futhi eprofethayo, futhi yazi izimfihlo zenhliziyi? Indoda ewukuthi-nokuthi kanje?”

<sup>56</sup> “Yebo, Ibilapha izolo kuphela, kodwa Ihambile. Angazi ukuthi Ivelaphi nokuthi Ishonephi.” Futhi kanjalo, nakanjalo, indaba yayilokhu iqhubeka. Futhi ekugcineni . . .

<sup>57</sup> Niyabo? Wayeyisigijimi, wayethunywe inkosi yakhe, u—umFarisi, umbhishobhi, abaphathi bebandla ukuthatha umlayezo. Futhi wakwenza, kugcineni, wakwazi ukudonsa umoya wokusizakala, ngoba wayebone iNdoda ebangeni ayezohambisa kuyo umyalezo.

<sup>58</sup> Manje, umlayezo wawubaluleke kakhulu, ngoba umpristi wayemthumile, umFarisi. Futhi kwakubaluleke kakhulu ukuthi ahlangani naleNdoda, wayeyalisiwe ukuba enze lokhu, futhi ufanele afike kuleNdoda. Futhi leyo kwakuyinto enkulu kunazo zonke empilweni yakhe, ngukufeza umlayezo walompristi, ukuba afike kuJesu waseNazareth.

<sup>59</sup> Futhi ekugcineni, efuqa indlela yakhe ehla egqumeni, ngemva kokubamba umoya wakhe nokufuqa indlela yakhe angene esixukwini, kumelwe ukuba wathola... Kungenzeka ukuthi kwakunguNathanayeli, noma mhlawumbe kwakunguFiliphu, ngoba wayeluhlobo oluthile lomlindi wangaphandle. UPetru, noLuka kanye nababhali ababebhala phansi lokho Akwenza nalokho Akusho wayemi eduze kwaKhe.

<sup>60</sup> UPetru wayebonakala engumdobi omkhulu onamandla, ukuthi uma befihla u—u—umugqa wabanye abaphostoli, kunalokho wayeyindoda enamandla, wayengabadudulela emuva futhi abasuse kuYe.

<sup>61</sup> Futhi njengoba lesi sigijimi sifika emgqeni wokuqala wabaqaphi, kungenzeka ukuthi kwakunguFiliphu, futhi wathi, “Kufanele ngibone inkosi yakho, ngingomyalezo ovela enkosini yami oya enkosini yakho. Futhi inkosi yami iyindoda enkulu, ingenye yamadoda avelele kunawo onke emphakathini wakithi. Ingu—u—umFarisi, iyindoda ecebile, futhi inemali eningi, futhi ingithumile ukuba ngikhulume neNkosi yakho.” Futhi uFiliphu, ngokuqinisekile wayefuna, njengendoda engumKristu, ukwenza konke ayengakwenza uku—ukusisiza, asisondeze eduze.

<sup>62</sup> Futhi ekugcineni, wafuqa indlela yakhe wedlula waze wahlangana noSimoni, wathi, “Simoni, lesi sigijimi sisemsebenzini obaluleke kakhulu, futhi kufanele ngiyiyise phambi kweNkosi.” Futhi uFiliphu wafuqela ngakuPetru, wasukuma. Ekugcineni isigijimi salethwa sabhekana ubuso nobuso noJesu, nango Ema, izindebe zaKhe ziqhekezekile, amehlo aKhe ekhandlekile, ekhuluma, iPhimbo laKhe lishile ngenxa yothuli oluvela ezinyaweni zabantu.

<sup>63</sup> Nesigijimi sathi, “Mnumzane, ngithunyiwe ukuthi ngikubikele ukuthi inkosi yami ikuhloniphile ngesimemo. Uzoba nomkhosi. Kuzakwenziwa idili elikhulu, iyakwenza minyaka yonke, futhi i—ifuna wena ukuba uthamele lo mkhosi.”

<sup>64</sup> Sasingayisho kanjani into enjalo na? Sasingakwenza kanjani na? Sime eBukhloneni bukaKristu okokuqala ngqa bese kufanele siqhube uhlobo oluthile lwebhizinisi mayelana nenkolo yaso yokuziqhenya.

<sup>65</sup> O, ngifisa ngabe ngama lapho! Into yokuqala engangiyoyenza, ngangiyowa ngobuso bami phambi kwaKhe, futhi ngicele intethelelo ngezono zami. Kodwa lokho nje kuthi akube yinkambiso yosuku, lapho abantu behlangana naYe ubuso nobuso, banezinye izinto abaxoxa ngazo esikhundleni sesimo sethu sokuba nesono.

<sup>66</sup> Futhi lesi sigijimi, simi lapho, saletha umlayezo waso. Futhi sengiyabona ngeso lengqondo ngibona iNkosi yethu ibuka umfo ngesihawu futhi icabanga, mhlasi, ukuthi wayedlula ithuba elikhulu kunawo wonke elake labekwa ngaphambi kwanoma yisiphi isidalwa esingumuntu, kwakungukuma eBukhloneni bukaJesu Kristu.

<sup>67</sup> Nakho la Wayekhona, kodwa niyabo, Wayengene nge... UNkulunkulu wayefike ngesimo soMuntu, futhi wayengakwazi, futhi naso simile. Futhi uJesu, nalo lonke uhlelo lwaKhe olumatatasata, nezinkulungwane zezindawo ukuba aye kuzo, nakho konke Ayefanele akwenze, sengiyaMbona ngesizotha, nokuba njengomnumzane ohloniphekile, wanqekuzisa ikhanda laKhe, wathi, “Tshela inkosi yakho ukuthi Ngizoba khona.”

<sup>68</sup> Sifundani lapha na? Ukuthi Unjalo...njalo uza lapho Emenywe khona, kunjalo, njalo uza lapho Emenywe khona.

“Mtshela ngalolosuku oluwukuthi-nokuthi, ukuthi Ngiyoba khona ngalolosuku, ngoba uNgimemile, Ngizoba khona.”

<sup>69</sup> Manje, kwase kuthi-ke emva kwalokho, isigijimi kufanele ukuthi safulathela, futhi sahamba, futhi saphefumula umoya wokwaneliseka ukuthi senze okuthile okukhulu. Sasenzeni na? Sasivumele kwashelela kuso into enkulu kunazo zonke emhlabeni wonke, ithuba lokuwa ezinyaweni zikaKristu.

<sup>70</sup> Ngiyazibuza ukuthi abaningi bethu abakwenzi yini lokho. Mhlawumbe sikwenzile kuleliviki. Singahle sikwenza kulobubusuku, ufulathele ithuba lokusindiswa, futhi ube nokuPhila okuPhakade, bese-ke ukufulathela.

<sup>71</sup> Abanye abantu kwesinye isikhathi bafika begula, bese bephulukiswa, bese-le behamba becabanga ukuthi bayizuzile ncamashi into esemqoka abayizele. Into ezedlula zonke ongayizela ngukuMthola njengoMsindisi wakho, ukwazi Yena, ukuthi Ungubani empilweni yakho, ube nesiqiniseko.

<sup>72</sup> Abantu namuhla bafana nabantu bakudala, bazama ukugwema udaba. Kufana ne—kufana nezinkwa nezinhlanzi, WayenguMprofethi omkhulu inqobo nje uma Ephulukisa abagulayo futhi enza izimangaliso, kodwa lapho Eqala ukubatshele iQiniso, baqala ukuMfulathela, Wayengasathandwa ngabantu kakhulu ngalesosikhathi.

<sup>73</sup> Manje, sithola ukuthi lesi sigijimi safulathela iNkosi uJesu. NgokomBhalo, awunikezi ukuthi sake sacela ukuxolelwa kwezono zaso noma yini, futhi sahamba, sabuyela enzansi enkosini yaso umFarisi.

<sup>74</sup> Manje, ku—kukhona okungahambi kahle ngendaba lapho, ayihlangani nje. Kukhona okungalungile, labobaFarisi babengenayo inhlanganyelo noJesu, babengaboni ngaso linye. Bona . . .

<sup>75</sup> UJesu wayengenahlanganyelo nabo, Wabatshela, wathi, “Nidabula izilwandle . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . umproselithe oyedwa, bese-ke usengumntwana wesihogo ngokuphindwe kabili kunakuqala.” Wathi, “Nina baholi abayizimpuputhe bezimpuputhe.” Wathi, “U-Isaya wakhuluma kahle ngani. Ninamehlo futhi aniboni, nezindlebe futhi anikwazi ukuzwa.” Nokuthi Wabakhuza kanjani, futhi—futhi wabaklabalase! Futhi—futhi khona-ke ukuthi, omunye wabo amMemele edineni? Uma singakubeka ngenkulumo yasesitaladini, siyazi ukuthi kukhona ukufihla induku emqubeni ndawondawo, ikhadi elengeziwe ndawana thize. Niyabo? Uphethe okuthize, ngoba babengenahlanganyelo komunye nomunye.

<sup>76</sup> Kufana nokuthi uthatha i—isithandani ezindala kanye nezithandani ezisezintsha. Nibona abashadikazi abasebasha besuka beya kolunye uhlangothi bexoxa. Ngani? Banezinto ezifanayo. Bathanda ukukhuluma ngezinto ezifanayo abanazo.

Bheka abantwana abancane, abafana abancane bazodlala imabula, amantombazane amancane azodlala onodoli. Niyabo, yizinto ezifanayo.

<sup>77</sup> Yingalesosizathu sihlngana lapha ngendlela esenza ngayo, njengalokho kudla kwasekuseni okuthandekayo kulokhu ukusa. Besinakho konke okufanayo, inhlnganyelo. Abagembuli, ogweva, abaqambimanga, namasela babengenandawo kulowomhlangano, niyabo, ngokuba kungukuthi, noma, phakathi lapha. Si...Sinenhlanganyelo omunye nomunye, ngoba sibuthene e—into eyodwa enkulukazi esiyizuzile, lowo nguKristu, isidlo kanye naYe.

<sup>78</sup> Manje, lapho ubona intombazanyana cishe eneminyaka eyisithupha noma eyisikhombisa ubudala ilandela ugogo ngaso sonke isikhathi, aha, kukhona okungalungile. Kunomehluko omkhulu kakhulu eminyakeni yabo. Manje, kuphakathi kokuthi iyisilwane sikagogo esifuywayo, noma unesaka likaswidi, futhi intombazanyana iyawufuna. Niyabo? Kunenhloso ethile ngalentombazanyana elandela ugogo ngapha nangapha, ngoba mningi kakhulu umehluko eminyakeni yabo. Niyabo?

<sup>79</sup> Futhi lapho nibona labaFarisi bethumela, o, lowo ozidlayo, oyisitashi, uhlelo lobufundisi luthumela kuJesu, kukhona okuthile okungalungile, okuthile okungavamile, kukhona iqhinga ndawondawo. Ungacabangi ukuthi uJesu wayengakwazi, wayengabeki lutho kuYe. Qha, qha. Niyabo? Wayazi ngakho, kodwa noma kunjalo, uma Wayemenyiwe, Uzohamba noma kanjani. Kunjalo.

<sup>80</sup> SiyaMmema emabandleni ethu, sithumele imihlangano emikhulu ngaphambi komkhankaso, futhi sikhuleke, futhi sibize amaqembu amakhulu amaqembu omkhuleko ngengqungquthela enkulu yesifunda sonke, imvuselelo, futhi sikhuleke, “O, Nkosi Jesu, woza futhi—futhi usihloniphe ngoBukhona baKho.” Futhi ake kusukume omunye athi, “Amen,” futhi abangenisi bayomholela ngaphandle ngomnyango. Ake othile aMdumise kancanyana, futhi bayisigejane sezinhlangana. Kunjalo.

<sup>81</sup> SiyaMmema, bese-ke singaMfuni lapho Efika lapho. Kodwa Uzofika noma kanjani. Uyeza, o, yebo, Uzoba lapho. Uma Ethembisa...UyaMbuza, noma ngabe izimo sinjani, Uyeza lapho uMcela, Ulapho.

<sup>82</sup> Khona-ke ngiyambona lo mFarisi, ukuthi babeka kanjani lokhu kusakazeka okukhulu! Babecebile, he, bathola ingxenye kuyo yonke into ezayo, neminikelo yenyama, futhi bakhokhelwa kahle, futhi, o, babe, babenakho embedeni wezimpaphe. Babe...Leyo yinkulumo yakudala yaseningizimu, kodwa yi—yilokho abakwenza. Babecebile, na—nabampofu babempofu. Futhi babekwazi ukubeka lokho kusakazeka okukhulu. O, he, bebengakwenza kanjani ngempela kukhange! Futhi, niyazi,

udeveli uyathanda ukwenza isono sikhange. Wena...yena... Yilokho okwenza kukhange kakhulu.

<sup>83</sup> Bese kuthi-ke, sithola ukuthi babezolungiselela izinyanga nezinyanga, futhi bathumele lezi zimemo, futhi babezolungisa yonke into. Futhi bakhetha isikhathi esithile sonyaka sedili elinjalo, mhlawumbe ngenkathi amagilebhelisi abo—abo esevuthiwe futhi u—umoya wawugcwele iphunga elimnandi lalawo magilebhisi avuthiwe. He, kuyovele kukulambise ukukuhogela, futhi babazi ukuthi kwenziwa kanjani yonke into kahle nje.

<sup>84</sup> Futhi-ke babe—babehlobisa okwabo—okwabo, lokho okubiza lapha, ngiyacabanga, uvulande, noma igceke elivulekile phakathi kwezindlu, sasikubiza kanjalo enyakatho, futhi—futhi bekulungisa konke, futhi bekwenza kube kuhle kakhulu. Babezoba nalomkhosi omkhulu ngaphandle emagekeni lapho babebiyele khona, ukuze abangaphandle, nalabo abangamenyiwe bengekwazi ukungena. Futhi, o, babeyolosa kanjani iwundlu elithothombalisiwe futhi bafaka zonke izinhlobo zezinongo kulo! Futhi he, babengakwenza ngempela kubukeke kahle, futhi kwakukuhle.

<sup>85</sup> Bese kuthi-ke bazokwenza...balungise konke kuze kube sechashazini. Bayolungisa zonke izitebele zabo ukwenzela labo abeza ngenqola, ukuze bakwazi ukubeka amahhashi abo phakathi. Babenezindawo zokubophela amahhashi, izinsila zenkosi lapho, ukuthi ngokushesha nje lapho...Zonke izinsila zenkosi zabo, bonke begqoke njengezinceku, futhi bemi ngomumo.

<sup>86</sup> Futhi lapho inqola isikhuphukile, labo abafike ngezinqola, insila yenkosi yayithatha inqola, iqhubeke yehle, ikhiphe amahhashi, namahhanisi kuwo, futhi—futhi bawanike ifolishi, nokunye nokunye, nalowo ogibele esihlalweni sehhashi, asuse isihlalo sehhashi, anakekele ihhashi. Babenakho konke kulungisiwe nje.

<sup>87</sup> Bese kuthi-ke, kwakukhona enye insila yenkosi engiyithandayo, insila yenkosi eshibhile kunazo zonke, futhi leyo kwakuyinsila yenkosi egezana izinyawo. Yayingumuntu okhokhelwa kancane kunabo bonke esigejaneni.

<sup>88</sup> Yilokho okuMenza abe nguNkulunkulu kimi. WayengoPhezukonke kokuphakeme futhi wathatha ingxenye yensila yenkosi egezana izinyawo emhlabeni. Futhi sihambahamba, sicabanga ukuthi singumuntu othile. Futhi uNkulunkulu weNkazimulo, embula inkazimulo kaNkulunkulu, wageza izinyawo zabadobi. Futhi yilokho okuMenza abe ngokoqobo, abe yiNceku, ophansi kunazo zonke izinceku, wehla ngamadolo aKhe ukugeza izinyawo zalo kanye uthuli oludaliwe Alwenzile. Amen.

Yayilapho, iguqe ngamadolo igeza izinyawo, indoda empofu ekhokhelwa kancane kunawo onke esigejaneni, nomsebenzi omubi kunayo yonke.

<sup>89</sup> Manje, abantu babenezindlela cishe ezimbili kuphela zokugqugquzela, lokho kwakuphakathi kokuthi ngesilwane noma ngokuhamba ngezinyawo. Futhi lapho abantu behamba, bakhuphukela phezu kwamagquma, izindlela ezinqamulelayo, nokunye nokunye, phezu kwamagquma ukuya emadolobheni. Futhi kulomzila, izilwane zazihamba nazo, a—amahhashi, nama—amakamela, nezimbongolo, futhi endleleni lapho ezazihamba khona uthuli lwaludungekile.

<sup>90</sup> Futhi lapho abantu behamba, babegqoka ingubo yasePalestine, eyingubo ende, bese kuthi-ke lapho besahamba, ingubo ende yayiphansi, nothuli, lapho beyisa le na le izinyawo zabo, ingubo ende yayisonteka, futhi yayicosha uthuli endleleni, futhi lwalungena ezithweni zabo, ebusweni babo. Nephunga lwesibaya, njenge...lapho izilwane zazikhona endleleni kwakukubo.

<sup>91</sup> Futhi babengekho...ba—babezizwa bengakhululekile ukungena endlini ukuze babe isimenywa, nalolonke lelophunga kubo. Ngakho-ke ababeyokwenza, babeyoba nesigejane esikhulu se, esingakubiza namuhla, njengokugqokwa ngabesifazane, amahliphasi amancane asendlini, amancane, njengesiqeshana esincane sendwangu abasigqokisa izinyawo zabo. Bese-ke bebeka zonke lezi zibe uhlu oluncane.

<sup>92</sup> Futhi mhlawumbe othile uyakhuphuka, futhi nakhu okwenzekile. Woza lapha, Mfowethu Roy, umzuzu. Nansi indlela ababebingelelana ngayo. Bangene *kanje*, futhi bayothatha isicathulo sakhe, futhi basikhumule, babone ukuthi isicathulo sakhe sasiyimuphi usayizi, bese besilinganisa nepheya la—lamahliphasi asekamelweni lokulala, singakubiza kanjalo.

<sup>93</sup> Futhi manje, khona-ke, bayoguqa phansi bageze izinyawo zakhe, futhi balungise futhi bahlanze izinyawo zakhe, bathathe ithawula, basesule kahle, futhi bakhuphukele ezithweni zakhe. Bese kuthi-ke kuyo—kuyosusa lonke iphunga ezinyaweni zakhe, nothuli, nasendleleni, futhi bayosusa konke lokho kuye. Khona-ke uyomfaka ipheya la—lalawa mahliphasi amancane angalingana izinyawo zakhe kahle nje, bese bewadonsela ezinyaweni zakhe.

<sup>94</sup> Khona-ke uyoya ngaleya, kuyoba khona enye insila yenkosi emi lapho ethatha okuthile kokugcoba, amafutha, futhi ayenamakha kakhulu, babethola lawo makha e—i-aphula elincane elivela ehlumeleni lembali elenza amakha, futhi benza lamakha, futhi bawathele ezandleni zabo, futhi bayosula izandla zabo.

<sup>95</sup> Bese kuthi-ke, behamba ngalezozinsuku, lowomsebe oqondile walelolangase Palestine wawushisa, wawushisa



intamo yabo nobuso babo. Bese-ke bathathe lamakha namafutha, bese besula ubuso babo, naphezu kwezindlebe zabo. Khona-ke uyomnika ithawula, khona-ke uyosula ubuso bakhe futhi azilungise kwehle.

<sup>96</sup> Bese kuthi-ke, niyabo, wayesegezwe izinyawo zakhe, egqoke nepheya lamahliphasi, lwase lusukile uthuli kuye. Futhi lokho kwakunohlobo oluthile lwe, njengokuthi, lawomakha ayesebenza endaweni njenge-mentoli ayokwenza uzizwe upholile futhi uhlumelisekile. Wazilungisa, khona-ke wayesekulungele-ke uku—ukuhlangana nalo owayemmemile. Manje, wayengeke azizwe efuna ukuhlangana naye engcolile wonke.

<sup>97</sup> Ngethemba nina bantu nibamba ukufana kwalokho, kwalapho siyohlangana noNkulunkulu. Niyabo? Ufanele ugezwe, umhlatshele, njalo, futhi wawulungisiwe futhi ulungele, ulungiselelwe. Futhi yileyondlela esifika ngayo, lapho siyohlangana noNkulunkulu. Sifanele kuqala size futhi sigezwe ngamanzi eZwi, kunjalo, sigcotshwe ngamakha ngafutha okugcoba avela esilevini sika-Aroni, ahamba aze ayofika emiphethweni yengubo yakhe, uthando lobuzalwane, ukungena kule eNgcwele, engcwele.

<sup>98</sup> Khona-ke, lapho eseye ephathini eyayimmemile, lapho engena ebukhoni bakhe, manje, kuthiwani uma engena ezinyawo ezingcolile, ezinukayo nokungcola kuye wonke na? Wayenuka kabi, wayeyo—uthi ukuzizwa kabi. Uyomgwema. Kodwa-ke, emva kokuba esegeziwe izinyawo zakhe, futhi esegcotshiwe, njengoba sigcotshwa ngoMoya oNgcwele, niyabo, bese kuthi-ke elungisiwe wonke, khona-ke wangena kumninindlu, umphathi womkhosi, futhi waye—wayeselungele ukuhlangana naye.

<sup>99</sup> Futhi nansi indlela ababekwenza ngayo. Babebambana ngezandla, *kanje*. Manje, kuthiwani uma wonke wayenuka na? Wayengefuni ukumkhuphulela ngakuye. Kodwa, niyabo, uselungisiwe manje, usekulungele. Ngakho bayagonana *kanje*, khona-ke wayesemukelekile.

<sup>100</sup> Manje, lokho kuxhawula kokugcina (Ngiyabonga.), ukuxhawula kokugcina kwamenza wamukeleka. Kodwa waba nokulungiselela kuqala, ngaphambi kokuba abe nalokho kuxhawula futhi, izikhathi eziningi, ukwanga entanyeni, wamanga ukuba amukeleke, abambe isandla, amgone, futhi amange ezinhlangothi zombili zentamo, lokho kwakusho ukuthi wayemukelekile. Manje, wayengeke azizwe ethanda ukumvumela ukuthi amange nalo lonke lolothuli nephunga kuye. Niyabo? Kodwa lokho kulungiselelwa kwenziwe. O, he! Uma singakuthola! Ukulungisel- . . .

<sup>101</sup> Niyakhumbula emfanekisweni, ukuthi indoda eyodwa yangena kanjani ingayembethe ingubo yomshado na? Yayingene

ngomnyango noma ihlelo elithile, yayingangenanga nge... yayingene ngefasisitela hhayi umnyango, noma ukuba yayingene ngomnyango, ibiyo, yathola ingubo ende. Yehla ngendlela yesivumokholo esithile noma ihlelo, yakhishelwa ngaphandle, yayingakufanele ukuhlala etafuleni.

<sup>102</sup> Ifanele, kuqala ifanele igezwe, futhi ilungiswe, futhi igcotshwe, khona-ke yayisikulungele ukungena. Futhi lapho... Inqobo nje yona, njengoba isiyiminywa, futhi wayikade imenyiwe, futhi yayikade... okokugcina kwakungukuyixhawula isandla sayo no “*kwanga*” ukuyanga esihlathini, noma, entanyeni, futhi lokho kwayanga iyamukeleka.

<sup>103</sup> O, wayengumfowethu ogcwele ngaleso sikhathi! Amen. Yebo, wayesemukelekile ngalesosikhathi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]... ngena esiqandisini uzithathele isemishi elikhulu le-Dagwood, bese ulala phansi ngale kombhede, usekhaya, niyabo. Wamukelekile, inqobo nje lapho uthola lokho kwanga kokwamukelwa, njengendodana yolahleko, niyazi, ibuya, inqobo nje lapho uthola ukwanga kokwamukelwa. Manje, kwase—kwase kulungile.

<sup>104</sup> Ngakho lolusuku lwase lubekiwe, futhi konke kwase kulungisiwe, futhi wonke amawundlu ayebulewe, ne—nezoso sasiqhubeka, iwundlu elithothombalisiwe. O, he, umoya phezu komuzi, nasezansi esigodini kwaku nje... iphunga elimnandi lalivele lokhela yonke indawo, lixutshwe newayini, namagilebhisi, nokunye nokunye. Futhi lona—lona kanye iwayini eliledlula lonke ababelisebenzisile, nokukwedlula konke kwakho konke, ngoba babekwazi ukuba nokukwedlula konke.

<sup>105</sup> Futhi base belungise konke. Zonke izinsila zenkosi zazimi endaweni, amathawula emahlombe, wonke umuntu endaweni yakhe. Nakho kwenyuka umthwali, nakho kusuka insila yenkosi yahamba naye, futhi uyangena, ukugezwa kwezinyawo, nokunye nokunye, kuqhubeka njalo njalo. Usuku olunje pho! UmFarisi omdala wayenesikhathi sakhe!

<sup>106</sup> Manje, ngizonitshela lokho engicabanga ukuthi wayekufihle emqubeni. Ngizokuthatha ekucabangeni kwalokho okushiwo yiBhayibheli ngalabobafo. Babengakholwa ukuthi Wayengumprofethi, abakwazanga ukukukholwa, baMbiza ngoBelzabule, umbhuli. Futhi babengenakucabanga lowoMuntu ukuba abe ngumprofethi. Niyabo, ungahle ukuba awucabanganga ngalezizinto ngaphambili, kodwa wonke umBhalo uhlwanyelwe ugwele ngakho. Niyabo? Indlela nje okubuka ngayo. Qaphelani, futhi abakhohlwanga ukuthi Wayengumprofethi.

<sup>107</sup> Ngakho-ke sengiyamcabanga umFarisi omdala wathi, “Manje, ngimeme uRabi *S'bani-bani* noRabi *S'bani-bani*, futhi kufanele ngibe nokuzijabulisa okubalulekile. Futhi

ngizovele ngehlise lowomhlelisi ezansi lapha. Futhi uyazi ukuthi sizokwenzani? Ngizomkhombisa, ngizofakazisa ukuthi akasuye umprofethi. URabi Belinski ngapha, ukholwa ukuthi nje uyi. . . ungumkhohlisi. Akakholwa, ngoba uphikisana kakhulu nezinhlangano zethu. Ngakho yena—yena nje. . . Asikwazi ukukholwa. Ukuba wayengumprofethi wangempela wayeyoba ngumFarisi futhi amele izinto esizimelelayo.”

<sup>108</sup> He, lowomoya omdala awuzange ufe! Indoda owawukuyo yafa. Kodwa, niyabo, uNkulunkulu nodeveli: Udeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa umoya wakhe uyasala, kunjalo, umoya ofanayo usala kwehle njalo kudabule eminyakeni; futhi uNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa hhayi neze umoya waKhe, uyeza, nawo.

<sup>109</sup> Ngakho bekuyimpi yonke indlela. Futhi ufanele wenze ukukhetha kwakho, ngakho, omunye: ongakholwayo, nokholwayo. Nongakholwa uhlala njalo enokuziqhayisa nje, into ethile eziqhayisayo, niyazi. Futhi—futhi sithola ukuthi ngezinye izikhathi uNkulunkulu usebenza ngezindlela ezithobeke kangako, Uvele akubeke phezu kwamehlo alabobafo.

<sup>110</sup> Ngakho-ke, abakholwanga ukuthi Wayengumprofethi. Futhi sengiyambona umFarisi-mBhishobhi omdala emi ngalapho, ethi, “Uyazi ukuthini? Lapho ngimthola ngapha, ngizomenzela ezibukwayo. Futhi ngizomngenisa lapha, futhi sizofakazisa ukuthi akasuye umprofethi. Futhi, haa, haa, niyazi ukuthini? He, sengiyayibona inhlangotho yami izongenza igosa lesifunda ngokuzayo,” noma okuthile, niyazi, immike into ethile enkulu, ngoba yamdalula ngempela loMfo, niyazi. Ngempela waye, wayengakholwa ukuthi Wayengumprofethi, ngakho, yena—wayenaYe ezansi lapho.

<sup>111</sup> Ngakho lapho yonke inhlangotho ihlangana ndawonye, nabo bonke, sengiyabona babenesikhathi esimnandi sokushayanisa izingilazi, nokuphuza, nokuba nesikhathi esimnandi, wawungamuzwa umFarisi omdala phezu kwabo bonke enhla lapho, niyazi, beqhubeka nje. He, isikhathi esinje pho ababenaso, isikhathi esimnandi!

<sup>112</sup> Futhi manje, ake siqalaze umzuzu. Wangena kanjani lapho na? Wake Walidlula kanjani isango lensila yenkosi na? Nango Ehlezi ekhoneni. Wayefike ngesikhathi ngqo; Uhlale engesikhathi esifanele. Futhi nango Uhlezi ekhoneni, ngiyakuzonda ukusho lokhu, ehlezi lapho nezinyawo ezingcolile. UJesu, enezinyawo ezingcolile. Njengoba umFulentshi embiza, “uJésus,” uJésus, enezinyawo ezingcolile. Akekho owayeMgezile, akekho owayeMlungisile, waMgcoba, futhi nokho, Wayemenyiwe. Futhi nakho kuhlezi uJesu enezinyawo ezingcolile, eza esimemweni esanikwa Yena, kodwa akukho-muntu owayenendaba ngaYe. Wake Wayidlula kanjani leyonisila yenkosi egezana izinyawo na?

113 Ngifisa sengathi ngabe nganginalowo msebenzi. Ngangiyone ngiMbhokile, ngingiyolokhu ngibheka phansi naphezulu emgwaqeni. Ngingiyoba nesiqiniseko sokuthi Uthole ukugezwa, ukuba ngangiyoba lapho. Ngangiyofuna ukuba nesiqiniseko sokuthi ngigeze izinyawo *zaKhe*.

114 Kodwa yayikuphi leyo nsila yenkosi na? Yayikuphi eyodwa? Wayesenephunga elibi lomgwaqo kuYe, Wayenezinyawo ezingcolile, Wayengagcotshiwe, umBhalo usho njalo, futhi nango Uhleli lapho, futhi akukho-muntu oMnakayo.

115 Kungaleyondlela kwezethu, izimvuselelo eziningi namuhla. Ngiyakuzonda ukusho lokhu, kodwa kuyiqiniso. SiyaMmema futhi sizame ukungaMnaki. Othile angasho okuthize, noma aqale ukukhonza uNkulunkulu lapho siMcela ukuba eze, futhi Uza ngesimo sikaMoya oNgcwele, futhi omunye uzosho okuthize, futhi uyo...othile uzoqala ukukhonza, futhi kuzophazamisa umhlangano wonke, ngoba othile uthe, "Amen," noma "Haleluya." UngaMnaki! Futhi uma othile ethi, umuntu othile wathi, "Amen," "Haleluya," bayothi "umgingqiki ongcwele," noma igama elithile elingcolile. UJésus onezinyawo ezingcolile.

116 Nkulunkulu, yini indaba ngalesisizukulwane sabantu? Bakuphi na? Kwenzenjani na? UJésus, enezinyawo ezingcolile, ehlezi phakathi kwabantu lapho Amenye we khona futhi enegama elingcolile. Nango Uhlezi lapho, iphunga lasemgwaweni kuYe, yonke into abangayiphonsa kuYe, noma abantu abakhonzayo, futhi bayiphonse phezu kwakho, bababize ngesigejane samafuhlufuhlu nakho konke okunye. UJésus, onezinyawo ezingcolile.

117 Kodwa Akazange asho-Zwi, Wavele wahlala lapho ikhanda lakhe libheke phansi, imbali yasodongeni, njengoba besingakubiza kanjalo, ephathini. Yilokho Ayikho namuhla ekukhonzeni, ekukhonzeni lapho esifanele ukuba simele khona iPhentekoste, Uba imbali yasodongeni.

118 Lapha esikhathini esingeside esedlule, umvangeli odumileyo wayeseShreveport, futhi wayeshumayela, futhi ungumshumayeli ovuthayo futhi, futhi wayeshumayela kude, nomfowethu oyedwa wePentecostal wayejwayele ukudumisa uNkulunkulu, noMoya oNgcwele wehlela phezu kwakhe, wampongoloza, "Udumo kuNkulunkulu!"

Futhi lo mvangeli waphenduka wathi, "Vala umlomo wakho. Uyangiphazamisa."

119 Awu, uyangiphazamisa uma ungasho ukuthi, "Udumo kuNkulunkulu." Ngi-ngicabanga ukuthi kukhona okwenzekile.

120 Ngangivame ukuba nenja endala, umfo omdala bandla, wayengiyambisa esikoleni ngokuzingela. Yayikotela kunoma yini eyayikhona, kodwa yona...into eyodwa ayeyiyesaba, noma

eyayingafuni ukufika kuyo, kwakuyiqaa. Futhi yayilifaka ngaphansi kwenqwaba yehlokozi, futhi yona—yayivele izungeze ikhonkotha nje. Uma ngangifuna ukuthi ilithole, ukuthi ihambe ngempela ithole leloqaa, into kuphela okwakufanele ngiyenze ukuyimbambatha, bese ngithi, “Shona kulo, mfana!” Yayingena ilithole iqaa.

<sup>121</sup> Iqaa elikhulu kunawo onke engilaziyo ngudeveli. Indlela ezedlula zonke engiyaziyo ukuyenza, ngukuthi, “Amen. Haleluya!” Lokho ngukuthi, “Shona kuye, mfana! Mhubhe. Mfake esiphunzini.”

<sup>122</sup> Ya, bayaMmema, kodwa abaMfuni. Lapho Efika ngeke baMamukele, banendlela yabo yesiko, futhi bafanele babe nayo ngaleyondlela.

<sup>123</sup> Akamukelekile emva kokuba Esefika lapho, wonke umuntu uyaMdula sengathi Wayengekho lapho, eqalaza, ezwa amahlaya omFarisi esimanje.

<sup>124</sup> Njengezinye zalezizimpahla zakuthelevishini esinazo namuhla, abantu bangamane bahlale ekhaya futhi babuke uRicky othile esukuma, ezansi lapho nempahla yakuthelevishini futhi aqhulule uhlobo oluthile lwehlaya, nomunye wesifazane oseshade kane noma kahlanu, nokunye nokunye, futhi ahlale ukuba ezwe lokho, futhi athande lokho kangcono kunokuba bethanda umhlangano womkhuleko ngoLwesithathu ebusuku.

<sup>125</sup> Ngani, akumangalisi ukuthi imvuselelo isihambile! Ungeke wakha iBandla phezu kwamalahle abomvu noma amalahle, enye inyoni ezishisayo yasemandulo. Awukwazi ukukwenza. Amalahle amadala ashile! Ufanele ube nothile inhliziyo yabo evuthayo, babheke okuthize, okuthize okuzokwenzeka, bebuka yonke inkonzo, khona lapho endawaneni, bebhekile.

<sup>126</sup> SiyaMmema futhi siMbize, bese singaMfuni lapho Efika lapho, sivele singaMnaki, siMyeke yedwa, singaMnaki. IZwi laKhe lingafundwa, noma lishunyayelwe, futhi nje lihlale futhi Liyekwe liqhubekele phambili, mhlawumbe uthathe isihlwathi sangempela ngenkathi usakwenza. Niyabo? Ungenantshisekelo.

<sup>127</sup> Sibhekile, sibheke ukuFika kweNkosi! SiMmemile, sifuna Yena, “Woza, Nkosi Jesu, woza,” kanti nokho asikwenzi... kubukela singakunaki lapho Efika phakathi kwethu.

<sup>128</sup> Lapho, Wahlala lapho, nokho, Uyeza. Ngiyamangala ukuthi kungani, ngiyamangala ukuthi kungani; kuhlala kunesizathu. Ezansi le esitaladini, ngaphandle komugqa omkhulu, kukhuphuka ohlangothini oluncane, umgwaqo owubhuqu, kwehla ngomhume, ezansi le phansi komhume, futhi kukhuphuke izitebhisi ezincane *ezitsegezayo* eziya emjondolo omncane, Ngibona owesifazane omncane ephuma. Uyaqalaza, “Uphi wonke umuntu?” Uyehla utsegezelisa izitebhisi. O, ngikholwa ukuthi wayengowesifazane omuhle, omncane. Futhi uza ehla ngezitebhisi. Wayethathe indlela

engalungile, qiniso, kodwa mhlawumbe, niyazi, kungenzeka ukuthi kwakungomunye umzali owamvumela ukuba enze lokho.

<sup>129</sup> Niyazi, nikhuluma kakhulu, namuhla, ngobuhlongandlebe bezingane, ngikholwa ukuthi ubuhlongandlebe babazali, Ngikholwa ukuthi yilapho okukhona. Ukhuluma ngokungafundi kweKentucky. Makuthi enye yalawo mantombazane enhla lapho ingene, ubusuku bonke gulukunqu, idakwe ingxenye, nokugcobisa izindebe zayo, noma ngabe yini enikubiza ngakho, ebusweni bayo bonke, futhi igqoke ingxenye, isonteke *kanjalo*, mfowethu, omunye walabo omama abadala baseKentucky bebeyoyihlephulela igatsha eliphezulu kulezo zihlahla, futhi ibiyogqoka lezo zingubo ezikhiphile, kuyo. Kunjalo. Ukude neHollywood, uyazi. Kunjalo. Yilokho esikudingayo namhlanje, abanye abanengi balolohlobo lukamama. Kunjalo. Impela kunjalo.

<sup>130</sup> Khona-ke sithola ukuthi uthi shelele wehla ngezitebhisi, ezansi ngokungena emhumeni, ubheka yonke indawo, kukhona. . . “Uphi wonke umuntu?” Niyabona, umntwana wayenqatshiwe, akekho owayemkhathalele.

<sup>131</sup> Yilokho okwenza intombazane amaningi ihambe kabi, ngoba akekho obonakala eyikhathalela. Kuyoba, ingxenye yabo ibingeke ibe yindlela abayiyo, uma ekhona obenga. . . obengawanakekela. Esikhundleni sikamama nobabayi phandle ndawondawo, baqhubeke endlini yokucima ukoma futhi bededela intombazane yabo iye noma yikuphi, bebefanele babe sekhaya bekhuleka, iBhayibheli labo livuliwe, benxusa ukuba, njengoba uJobe wayenjalo ngabantwana bakhe, “Mhlawumbe bayona,” wayeyobenzela umhlatshele. Sidinga umkhuleko owengeziwe kanye namakhaya amaningi enikelwe kuNkulunkulu. Kunjalo.

<sup>132</sup> Manje, cishe abazali bayo babewuhlobo lwamahlongandlebe olwahamba, bayidedela. Intombazane empofu yayiziphilisa ngokuphila okubi, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, futhi ngakho, yileyondlela eyayinayo yo—yokuziphilisa. Siyazi ukuthi kwakukubi kabi, kodwa nokho, mhlawumbe yayikade i. . . Futhi sizocabanga ukuthi yaguqulelwa kulokho, ngoba kwakukhona okuhle emva kowesifazane, kwakufakazisa. Kulungile. Kukhona okuthile emuva lapho okwakungokwangempela. Khona-ke ngikholwa ukuthi uJesu wayazi ukuthi ngenkathi umFarisi eMcelile, impela, Wayeyela lowomphefumulo.

<sup>133</sup> Khona-ke siyathola, ukuthi ithi shelele kwesinye isitaladi, ibheka phansi naphezulu, amehlo ayo amakhulu amahle *ayecwebezela* nxazonke, “Ngani, baphi bonke abantu na?” Ihamba yehla ngezitaladi, zonke azinamuntu.

<sup>134</sup> Manje, abantu abampofu babengenakuza kulemikhosi, kodwa niyazi, babeza othangweni, “*bahogele*,” babehogela lelo phunga elimnandi, nezisu zabo ziyovele zikhale,

babefuna...abangakudla kabi kabi, kodwa abakwazanga ukungena, laba abacebile babenakho, futhi babekugcinile. Kwakungokwabacebile kuphela.

<sup>135</sup> Ngakho yaqalaza, yahamba yehla, “*iyahogela*,” ngokuqondile yezwa iphunga lokuthile. Isisu sayo esincane esingenalutho siqala ukukhalela okuthize, niyazi, “Mmm! ‘*Iyahogela*,’ mmm! O, kunjalo! Ngiyakhumbula esikhangisweni, umFarisi-Mbhisobhi enhla *lapho* unomhlangano wakhe omkhulu wonyaka. Awu, ngiqagele angeke kube khona engingakwenza namuhla, ngaphandle kokuhambahamba.” Manje, yayingolahliwe kunoma ubani, niyazi. Ngakho yona . . .

<sup>136</sup> Manje, ake siyibheke. Ithi nyelele ngokusondele. Futhi yayifanele iqukelele ukuthi ingabi ngalapho abanye abantu ubekhona, bayoyibona, ngoba babeyocosha itshe futhi bayixoshe. Ngakho, iningi lalabo abaziqhayisayo bobuFarisi uyahamba namuhla, futhi. Kunjalo. Badinga ukusizwa, khumbula lapho ovela khona nawe, uyabo, ngaphambi kokuba ujikijele itshe komunye umuntu, uyabo.

<sup>137</sup> Manje, nakhuya ngiyibona njengoba ikhuphuka ibheke ngasesangweni. Umfo omncane ompofu wayelambile, “*iyahogela*,” yayingahogela lelowundlu elithothombalisiwe, futhi, o, ibingathanda kanjani ukulidla! Futhi yabuyela emuva ngemva kwesixuku, ihambahamba, yayingalihogela, futhi yona, “*iyahogela*,” okungenani yayingajabulela ukuhogela iphunga elimnandi njengoba umoya wawuphephetha uphuma emigodini emikhulu yokosa lapho. Futhi yayingamuzwa umFarisi ngaphezu kwabo bonke, “Haa, haa, haa, haa, haa! Mbhisobhi, ngifuna ukukubuza okuthize lapha. Dokotela, woza ngapha,” niyazi.

<sup>138</sup> Futhi ngakho, yabalalela imizuzu embalwa. Futhi yaqhubeka yahamba phambidlanyana, yafika phezulu endaweni encane, ephakeme kancane, ukuze ibone phezu kwamakhanda abo. Iqala ukuqalaza egcekeni, futhi ibone zonke izimenywa, ukuthi zazizihle futhi zilungiswe kanjani, nokuthi izingubo zazo kanjani nje, eyodwa i-imma- . . . nompristi, nazo zonke izingubo zokulala zikaleysi nakho konke, emi ngalapho, ukuthi zazimangalisa kanjani.

<sup>139</sup> Futhi bheka, kulenga lapho, abantwana abampofu, abancane, abalambile belengela othangweni, bekhalela abangakudla. Buka umama omdadlana obuthakathaka emi lapho, ephethe ingane encane, nezindebe zakhe zivevezela, umlomo ocansa amathe kokudliwayo, futhi bona bephakathi lapho, behamba ngendlela ababehamba ngayo.

<sup>140</sup> Futhi, niyazi, khona manjalo, amehlo ayo abona oKubonakalayo. Kukhona okuthile ngaYe, angazi, uma amehlo akho eke aMuthi shazi, uyakwazi, lokho ngukuthi, uma ugcotshelwe ukuPhila. Ya. Kungenjalo, ungabuka ngqo kuYe

futhi ungaKunaki neze. Kodwa uma ugcotshelwe ukuPhila, ukubona kokuqala, Wehlukile.

<sup>141</sup> Yabheka, yathi, “LowoMfo omncane, ohlezi laphaya, niyazi, kukhona okuthize ngaYe oku—okwehlukile. Yini ekhona ngaleyo Ndoda na? InguBani, ngiyamangala? Ngani, Ayigezwanga nokugezwa! Ingene kanjani lapho na? Kufanele ngabe Imenyiwe, kungenjalo Ibingeke ize. Futhi nanso la Ikhona, ihlezi lapho, futhi ayenziwanga yamukeleka, izinyawo zaYo zingcolile. Futhi bheka, wonke umuntu u nje. . .” Abafundi baKhe babengenakuza, babengamenyiwe, kwadingeka bahlale ngaphandle.

<sup>142</sup> Iyaqhubeka, futhi ngiyayilalela. Izwa ingxoxiswano, futhi kwakungomunye wabafundi, wathi: “Kuyamangaza ukuthi kungani bengayilungisanga iNkosi yethu. Nanso Ihlezi lapho.”

<sup>143</sup> Futhi iqala ukuhlanganisa okubili nokubili ndawonye, “Kufanele kube nguye *lowo* Mprofethi. Lowo kufanele kube yiLowo abamhudula lowo wesifazane wohlobo lwami phambi kwaKhe, futhi bacela, ukuMkhanda ngamatshe, noma, ukukhanda owesifazane ngamatshe. Futhi Wathi, ‘Owokuqala ongenasono, phonsa itshe lokuqala.’ O, leli yithuba lami!” Yeka umehluko kulesosigijimi esikhokhelwayo! “Leli yithuba lami, nangu Yena, uma nje bengingafika kuYe! Kodwa Ubiyelwe kimi.”

<sup>144</sup> Kunezinhliziyo eziningi ezilambile kwiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, nawo onke, kubiyelwe kuYe ngezivumokholo. “Ukube nje kuphela bengingafika kuYe!”

<sup>145</sup> Futhi yabheka, futhi iyaMbona, yathi, “Udinga ukunakwa, Udinga inkonzo yenziwe kuYe, futhi ngifanele ngiyenze.” Ngakho yacabanga nge. . . Kukhona okwayishaya emqondweni, yaphenduka, yase yehla ngesitaladi, yehla ngomhubhe, yenyuka ngalezozitebhisi ezincane ezitsegezelayo futhi, ivula ivelevele emnyango, yangena, yafaka isandla ngaphansi kombhede, yakhapha ibhokisi layo elincane lokunakekela kwayo okuncane. . . izinto ezincane elalizikhathalela. Yafinyelela ezansi ekhoneni, phezu kwamasokisi ayo amade kwakulapho, lakudonsa lakukhipha, labala cishe izinhlamvu ezingamashumi amathathu zodenariyu bamaRoma, ngakho yathi, “Yilokho-ke. Ngizokwenza.” Yese ivala ngokhiye ibhokisi. Futhi yathi, “O, angikwazi, angikwazi ukukwenza lokho! UnguMprofethi, Uyokwazi ncamashi lapho engithole khona leyomali nokuthi ngiyithole kanjani, ngeke ngikwazi ukukwenza.” Iqala ukuyibuyisela ebhokisini.

Kodwa Kukhona okuthi, “Udinga ukukhonzwa.”

<sup>146</sup> Yilokho-ke. Haleluya! Noma ngabe uyini, Udinga ukukhonzwa. Futhi yaphinde yaphakamisa isokisi layo, futhi, “Ngifanele ngikwenze!” Kwakukhona okuthile ngaphakathi kuyo, “Ngifanele ngifike kuYe!”



<sup>147</sup> Yehla yahamba ngezitebhisi ezincane, ezitsegezelayo, ibambe i—imali engutsheni yayo. Futhi yehlela esitaladini lapho omunye walaba bafo wayekhona, niyazi, ukuthi “akukho nzuzo ngokushiya uJosefa egodini,” futhi wayezohlala futhi agcine ibhizinisi lakhe livuliwe, noma ngabe kwenzeka noma yini, niyazi, kube khona odlulayo. Ngakho iyangena, futhi uyasukuma, niyazi, njengabanye babathengisi bosuku, “Awu, ufunani?” Uyazi, ngokubona ukuthi yayingubani. “Ufunani phakathi lapha, empeleni?”

“Ngifuna ibhokisi le-alabhasta eliwedlula onke onalo. Ngifuna eliwedlula onke.”

<sup>148</sup> O, yilokho-ke! UNkulunkulu ulindele ukuba uMnikeze okukwedlula konke kwakho, hhayi nje isikhathi esincane eceleni, kodwa Ufuna okukwedlula konke kwakho, Ufanele abe nokukwedlula konke.

Futhi angahle, wathi, “Ufunani ngalokhu na?”

“O, okwesenzeko esikhethekile! Ngifanele ngibe nayo.”

“Awu, wonke umuntu uye e . . .”

<sup>149</sup> Futhi uthela imali phezulu phezu kwe—ikhawunta. O, kusobala, uma kukhona imali kukho, kulungile. Wasukuma, nangu eza, waphuma, uyayibala, “Yebo, inani elifanele impela likadenariyu wamaRoma. Kulungile.” Wafinyelela phezulu futhi wathola ibhokisi le-alabhasta eliwedlula onke. Futhi yalishutheka esifubeni sayo, yasho yaphuma ngomnyango.

<sup>150</sup> Futhi enhla ngasothangweni, yathi, “Angikwazi ukungena lapha, ngi . . . a—angikwazi ukuputsha ngiphumele lapho. Angazi ukuthi ngizofika kanjani lapho, kodwa Udinga inkonzo yenziwe kuYe, futhi ngizofika lapho ngandlela thize.” Yilokho-ke. Yilokho-ke. “Ngiyahamba noma kanjani, angikhathali ukuthi noma ubani uthini, ngifanele ngifinyelele kuYe.” Yilokho-ke. “Ngifanele ngifike lapho.”

<sup>151</sup> Ibamba lelibhokisi, futhi yilokho kuphela okokuziphilisa eyayinakho, yilokho kuphela eyayinakho kuyo . . . kulelizwe kwakukhona lelobhokisi elincane likadenariyu, ukuthi yona, lelo bhokisi eyayilithenge ngemali yalo eyayiyithole ngendlela engcolile. Futhi kwakukubi, yayizonda ukusondela kuYe kanjalo, kodwa yilokho kuphela eyayinakho, futhi yileyondlela kuphela eyayingeza ngayo.

<sup>152</sup> Yileyondlela kuphela eningeza ngayo, futhi yileyondlela kuphela engingeza ngayo. Kodwa Usilindele ukuba size uma Edinga ukuthandwa, akhonzwe. Usilindele.

<sup>153</sup> Futhi nakho Ehlezi lapho, kubukeka sengathi Wayeyilindile, ebhekisisa. Angazi ukuthi yangena kanjani, a—angikwazi nokucabanga ukuthi yangena kanjani, kodwa yangena, leyo yinto esemqoka.

<sup>154</sup> Angazi ukuthi ngangena kanjani, kodwa ngafika lapho. Amen. Yilokho kuphela engikukhathalelayo. Ngi—ngafika, ngafika lapho, ileyo into esemqoka. Angiboni ukuthi Uyoke ayingenise kanjani into efana nami, kodwa Yena...ngandlela thize, ngafika lapho. Ngafika ngelinye ilanga, bengilokhu ngihlezi lapho; Angifuni neze ukukushiya, ake nje ngihlale khona lapha.

<sup>155</sup> Ngakho yangena lapho. Yayinakho ndawondawo phansi enhliziyweni yayo, lokho...Manje, ngenkathi ifika lapho, kwenzeka yacabanga, “Kuthiwani uma Ephenduka futhi engishaya ngesankahlu? Awu, ngizokwenzenjani?” Kodwa khumbula nje, lapho uzama ukwenzela uJesus inkonzo, Akasoze akuthethisa ngokuyenza. Ungahle ukuthole ebandleni lakho, kodwa neke ukuthole kuJesus. Kunjalo. Yebo. Ungahle uthethiswe ngomunye umdondoshiya wesonto ongasukuma uthi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Yeka lokho kufakaza,” nokunye nokunye, “ngalokhu kuphulukisa ngokukaNkulunkulu, lezizinto zikaMoya oNgcwele, kuyeke lokho.” Ungahle ukuthole kuye, kodwa neze kuJesus. Qha.

<sup>156</sup> Niqaphelile, yanyonyoba yazungeza emva kwaKhe na? Manje, ngalezozinsuku, babengadli njengoba senza namuhla, bahlale etafuleni *kanje*, (*Lezo* zinganyana zinomqondo.), zazilala phansi ukuze zidle. Babenosofa, futhi babephakamisela usofa phezulu (Impela, *lezo* zinganyana ziyazi ukuthi zenzani, impela ziyazi.) ngakho, babepusha usofa wama ngo ngasetafuleni, futhi babelala phansi, futhi balengise izinyawo zabo, futhi badle *kanje*. Basakwenza ezindaweni zasempumalanga, ngiye ngadla kanjalo, niyabo, ngilalee phansi kanjalo. O, kuhle, ubufanele ukuzame ngesinye isikhathi. Kungani ungathi, “Amen,” abanye? Ngakho-ke, yileyo indlela.

<sup>157</sup> Futhi bona...Yanyonyobela emva kwaKhe, yase icabanga, “Nakhu la ngikhona, futhi manje sengifikile eBukhoneni bokuPhila okuPhakade. Ukuba kuphela ngingaMenzela inkonzo! Ukuba kuphela ngingaMenzela okuthile!” Manje, yayifanele ithi ukubhekisa ikhanda layo phansi, ngoba yayingowesifazane odelekile. Futhi yaguqa phansi, sengiyayibona iguqa phansi eduze kwezinyawo zaKhe, futhi yacabanga, “NgingaMthinta na?”

<sup>158</sup> O, ngi—ngi...Ungacabanga ukuthi yazizwa kanjani? Ngethemba ukuthi ngizolithola lelo thuba ngolunye usuku.

<sup>159</sup> Njengendoda endala eyikhaladi eminyakeni edlule, yayisezansi eningizimu, yayisindisiwe, futhi yona—yahamba itshela abazalwane bonke emasimini yayi—yayikhululekile. Ubasi wayibizela ngaphakathi, wathi, “Mose, ngifuna ukukubuzisa okuthize. Ngizwa ukuthi ukhuluma phakathi kwezigqila ukuthi ukhululekile.”

Yathi, “Yebo, Mnumzane.” Yathi, “Ngikhululekile.” Yathi, “Izolo kusihlwa, uJesu Kristu ungikhululile esijezisweni sokufanesono.”

Wathi, “Ngabe ukuhlosile lokho, Mose na?”

Yathi, “Ngikuhlosile.”

<sup>160</sup> Wathi, “Khona-ke ngizokwehla ngisayine ukukhululwa kwesimemezelo, futhi ungakhululeka ukushumayela kubafowenu. ngiyakuhlula futhi, uma uKristu ekukhulula.” Ngakho wehla wasisayina.

<sup>161</sup> Indoda endala yashumayela iminyaka neminyaka. Lapho kufika isikhathi sokufa, abaningi babazalwane abamhlophe ayebashumayeza ukuba bangene. Wayelele equlekile, futhi babecabanga ukuthi usehambile, walala lapho mhlawumbe usuku noma ngaphezulu engakhulumi.

<sup>162</sup> Ngolunye usuku, wavula amehlo akhe, wathi, “Ngabe ngiselapha na? Ngabe ngiselapha na?” Wathi, “Sondelani, bazalwane bami.” Wathi, “Ngicabange ukuthi ngiwelele ngakolunye uHlangothi, futhi ngivele ngangena ngesango, iNgelosi enkulu ingingenisile esangweni.” Futhi wathi, “Nazi ezinye izinceku zenyuka zase zithi, ‘Mose, Mose, inceku yeNkosi! Nansi ingubo yakho ende, *nanku* umqhele wakho.’”

Wathi, “Ngaphenduka ngaya kuzo ngasengithi, ‘O, zinceku zikaNkulunkulu, ningangikhulumisi ngengubo ende nomqhele.’”

Yathi, “Kodwa, Mose, umvuzo wakho.”

Wathi, “Angifuni ngubo ende nomqhele, okomvuzo wami ake ngime ngiMbheke.” Kwaba yilokho-ke.

<sup>163</sup> Ngicabanga ukuthi yindlela sonke esizizwa ngayo, “Ake ngiMbuke nje.” Ngiye ngacabanga kaningi, uma mina...lapho sengidlula, uma nje ngingagaqa ngikhuphuke, futhi ngimbambathe lezo zinyawo kancanyana, ngibheke lapho leso sibazi sezipikili sasikhona, bese-ke ngiyahlehla, bekuyongikhokhela uma ngiphila iminyaka eyikhulu, futhi ngashumayela njalo ebusuku, futhi ngenza konke engangingakwenza, ya, ukumbambatha izinyawo zaKhe nje.

<sup>164</sup> Futhi nangu lona wesifazane wayekhona, ezinyaweni zaKhe. Yeka indawo ongaba kuyo! Futhi ezinyaweni zaKhe wakhumbula zonke izono zakhe. Kukhona okuthize ngakho, ukhumbula yonke into embi oyenzile lapho ufika ezinyaweni zaKhe. Futhi lapho enza, wacabanga, “Mina, omubi kunabo bonke, futhi ngimi lapha ngakoNgcwele ngcwele!” Izinyembezi ezinkulukazi ziqala ukugeleza ezihlathini zakhe, futhi zaqala ukufela ezinyaweni zaKhe, Waphenduka futhi waqala ukumbheka.

<sup>165</sup> Futhi wazama ukulugeza, a—akakwazanga, izinyembezi zehlela kulo. Wayengakwazi nje ukugeza izinyawo zaKhe

noma ukuphula ibhokisi, futhi wayekuzama, nezinyembezi, wayesethi-ke ukuba namahloni, yena uqobo, ekhala ezinyaweni zaKhe. Futhi yena—wathatha . . . Izinwele zakhe zawela phansi lapho waye . . . niyazi, wayenezinwele ezisongekile zonke zenziwe *kanje*, niyazi, phezu kwekhanda lakhe, futhi lapho yena . . . izinyembezi zakhe ziqathakela ezinyaweni zaKhe, nezinwele zakhe zawa, waqala uku—ukusula izinyembezi ezinyaweni zaKhe ngezakhe—ngezinwele zakhe ezisongekile. Abanye bodadewethu kufanele bame ngamakhanda abo ukuze bathole izinwele ezanele ukwenza lokho. Ngakho-ke, wayesula i . . . Izinyawo zakhe—zakhe ngezakhe—ngezakhe izinwele zekhanda lakhe, njengoba lwalukhafuleleka e—e—ezinyaweni zaKhe *kanjalo*. Futhi, o, wayebheka phezulu, futhi wayesaba! Futhi—futhi yena . . . Wena—wena . . . Mina . . .

<sup>166</sup> Ngandlela thize noma enye uthola ukuxhuxhuma lapho useduze naYe, ngiyakwenza. Ngivele ngixhuxhume kakhulu lapho ngimuzwe Eseduze kwami. Kwesinye isikhathi angazi ukuthi ngenzani lapho ngi . . . Ngi—ngiyalahleka, ngicabanga ukuthi sonke siyakwenza.

<sup>167</sup> Futhi lapho esazama ukusho okuthize futhi engakwazi, izinyembezi zivele zehlele nje ezinyaweni zaKhe. Wayengenawo amanzi okugeza izinyawo zaKhe ngawo, futhi umFarisi wayengamnikanga amanzi. Kodwa yeka amanzi amahle Ayenawo! Izinyembezi zokuphenduka, egeza izinyawo zikaJésus ezingcolile. O, Nkulunkulu! Izinyembezi zokuphenduka, zigeza izinyawo zikaJesu ezingcolile. Wayezigeza, bese eyazanga, futhi azigeze, futhi—futhi wahlephula ingaphezulu lalelibhokisi elincane, wase ethela amafutha okugcoba lapho, wase ebheka phezulu.

<sup>168</sup> Manje, ukuba Wayenganyakaza, wayeyophuma lapho ngomzuzu. Kodwa Yena nje, ukuba wayefuna ukuMenzela inkonzo, Wavele wahlala wathula futhi wamyeka ukuba ayenze. Ngiyakuthanda lokho. Uma ufuna ukuMenzela inkonzo, nje . . . Uyohlala athule futhi akuvumele ukuba uqhubeke ukwenze. Niyabo? Akazange amthethise, Akazange athi, “Awusho, wena soni, suka lapho!” Qhabo, qhabo. Wavele wamyekela waqhubeka nokukwenza. Uyokuvumela ukuba wenze okufanayo uma ufuna ukuMenzela inkonzo.

<sup>169</sup> Futhi njengoba izinyembezi, futhi i . . . naye ethatha izinwele zakhe futhi egeza izinyawo zaKhe, wayesekhohliwe ngomFarisi omdala emi lapho nabo bonke abanye, wayenzela uJésus inkonzo.

<sup>170</sup> Yilokho okuyikho, ukhohlwa yikho konke ngababhishobhi nazo zonke lezi ezinye izinto, noma nini lapho wenzela uJésus inkonzo, uqhubeka nokukwenza nje. Angikhathali ukuthi noma ubani uthini, u—usemsebenzini ngqo, wenza okuthile.

171 Futhi wayanga izinyawo zaKhe, futhi “*mncwa, mncwa*” esula izinyawo zaKhe, futhi ezama ukugcoba lamafutha lapho, nezinyembezi, namafutha okugcoba egeza ehla ezinyaweni zaKhe.

172 Futhi lapho, into yokuqala niyazi, kwenzeka ukuthi umFarisi abuke emuva futhi wakubona. O, he! Waphafuza kuhle kweselesele lidla inhlamvu. Yena, bheka phezulu, “Mm, he!” Wayefuna bonke abazalwane bakubone lokho, niyazi. “Bhekani lapho!” Futhi washo ngaphakathi kwakhe, “Ukuba lendoda ibingumprofethi, ibiyokwazi ukuthi bekuhlobo luni lowesifazane abeyilo. Ukuba ubengumprofethi, ubeyokwazi lolu hlobo lowesifazane, ukuthi wayeyini. Okufakazisayo, bazalwane, ukuthi akasuye umprofethi.”

173 Kodwa uJésus akazange asho lutho, Wakubheka nje, waqhubeka nokumbheka, futhi wayenza inkonzo abefanele ukuthi ngabe uyenzile. Ngakho owesifazane... Waqhubeka nokubuka nje. Futhi emva kwesikhashana, lapho eseqedile, niyazi, futhi wayethukile ngalesosikhathi, esaba, emva kokuba esesule izinyawo zaKhe ngezinwele zakhe futhi, lapha, umlomo wakhe ugcele amafutha wonke ngalokho, sengiyambona wayemahlaphahlapha.

174 Niyazi, *ngandlela thize noma enye*, u—ufika emahlaphahlapheni lapho uthola—wehla phambi kukaKristu. Yileyo indaba ngabantu namhlanje, bazama ukubalekela ukuzalwa okusha. Uyazi, noma yikuphi ukuzala kungamahlaphahlapha, anginandaba noma kusesibayeni sezingulube, noma uma kusegumbini elibomvana, elihlotshisiwe, lasesibhedlela, noma yikuphi ukuzala kungamahlaphahlapha.

175 Nokuzalwa ngokusha kuyinto efanayo, kungamahlaphahlapha; kodwa kuphuma ukuPhila kulawomahlaphahlapha. Indlela kuphela ongemukela ngayo ukuPhila, kungokuzalwa, kumahlaphahlapha, kodwa kwenza ukuPhila. Abantu bazama ukukuvika, abafuni ukugeza basuse upende wezinzipho ebusweni babo, abanye babo, noma, niyibiza ngani lezozinto na? Hhayi ukupenda izinzipho. [Omnyane uthi, “IMaskara.”—Umhl.] IMaskara, yilokho okuyikho. Noma yini... Angiyazi leyonto engasile. Ubuheka umuhle kakhulu uma ungakugcobile, futhi... Yebo. Uma uzozama kancane iZenzo 2 ne 4 kancane, kuzokwehlula yonke iMax Factor engake ikwenze, ngizokutshela lokho. Uma nje uzozama okuncane kwalokho, kuzoba ubuhle baPhakade, u—umoya omnandi, omnene, onokuthula.

176 Yilokho lo wesifazane ayenakho. Yilokho u-Esteri ayenakho lapho eza phambi kwenkosi, yingakho edlula amanye amantombazane, ngoba uza ezihlobisa ngomoya omnandi phambi kwakhe.

<sup>177</sup> Manje, nakhu kwakukhona lona wesifazane phambi kukaJésus, egeza izinyawo zaKhe. Futhi ngemva kokuba eseqedile ukwenza inkonzo, wacabanga, “Uzothini na?” Wama, amehlo akhe amakhulu amnyama, nemidwa yezinyembezi yehlele phansi, namahlaphahlapha ebusweni bakhe bonke lapho ayange khona izinyawo zaKhe, futhi wabheka ukuze abone ukuthi Wayezothini.

<sup>178</sup> UmFarisi emi lapho, wonke umuntu uthule ngalesosikhathi, akekho owayesho utho, niyazi, babe, wonke umuntu, engaphefumuli. Sengiyambona umFarisi ngokuthukuthela okulungileyo, niyazi, kugijima phakathi kwakhe. O, wayefuthekile! Wacabanga, “Ukuhlazisa izinceku zami!”

<sup>179</sup> Basacabanga into efanayo lapho bebona amahlaphahlapha anjalo, niyazi. Ingabe lokho kuyihlazo na? Kuwudumo kunoma yiliphi ibandla elizobona umntwana osanda kuzalwa engena.

“O, kuyichilo kanjani! Ububhishobhi bami buzokonakala.” Nango emile efutheka nje okweselesele. Khona-ke wema lapho, bonke . . .

<sup>180</sup> UJesu wayembhekile owesifazane. Ngakho emva kwesikhashana, Wajikisa amehlo aKhe nxazonke. Sizobona ukuthi Wayengumprofethi noma qha. O, he! Bonani ukuthi Wathini! Wathi, “Simoni, kukhona engizokusho kuwe.” Nangu Eza! Sizothola ukuthi Ungumprofethi noma qha.

<sup>181</sup> Wathi, “Ungimemele ezansi lapha, futhi ngasuka ohlelweni lwaMi. Ngishiye abantu abagulayo belele ngasemasangweni, Ngashiya abanochoko bekhala, ngashiya izixuku zabantu ziNgizingela ehlane, nangasosebeni lolwandle ukuzama ukuNgithola, ngoba waNgimema, futhi Ngiyafika.

<sup>182</sup> “Futhi lapho Ngingena emnyango, awuzange uzigeze izinyawo zaMi. Ungivumele ukuba ngingene lapha ukuzoNgihlaza, uNgibukise phambi kwabantu. AwuNginiki neze okokugcoba, ukugcoba izandla zaMi nobuso baMi obuvuthayo, ukuthi Ngihambe ngadabula elangeni ukuze ngize esimemweni sakho, awuzange ukwenze. Awuzange uNgange ukungamukela. Uvele waNgiyeka nje ngeza njengesinxibi.

<sup>183</sup> “Kodwa lona wesifazane . . .” O, he! Uzothini na? “Kodwa lona wesifazane ugeze izinyawo zaMi ngezinyembezi zakhe.” Haleluya! “Futhi akazange ayeke ukwanga izinyawo zaMi kusukela elapha.” Yilokho-ke. “Futhi ngithi kuye,” (O, Uzothini?) “izonzo zakho, ebeziningi, zithethelelwe yena zonke.” Yilokho-ke. “Izono zakhe, ebeziningi, zithethelelwe wena zonke.”

<sup>184</sup> O, Nkulunkulu, lokho makube ukunxusa kwami! Makube yimi lowo lapho ngifika ekupheleni komgwaqo, sengathi ngingaMuzwa esho, kuyo yonke inkonzo engingaMenzela yona, kuwo wonke umsebenzi engithunyelwe kuwo engingaya kukho, yonke indawo engingashumayela kuyo, sonke isoni

engingasidonsa, ngithemba ukuMuzwa ethi, “Izono zakho, eziningi, zithethelelwe zonke. Ngena emaZingeni okuPhila, ungene e...lokho okulungiselelwe wena, lezi zibusiso esilungiselelwe kusukela ekusekelweni kwezwe.” Ngiqinisekile ukuthi sonke sizizwa ngaleyo ndlela, asinjalo na? Awunjalo wena na?

<sup>185</sup> Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzu nje, sisacabanga ngalezizinto lapha. Asifuni ukuthi isikhathi sethu sibaleke kithi.

<sup>186</sup> “Izono zakho ebeziziningi...” Lawo mehlo enemishwe, lobo buso bumahlaphahlapha bonke, kodwa zonke izinsuku zakhe zodumo olubi zase zidlulile. Bonke ububi ake abenza, kwase kuphelile ngaleyonkathi, wayengena ekuPhileni. Ngiyamangala, kulobubusuku, bangaki kulesi sakhiwo abathakasela ngokwanele uJesu Kristu, ukuthi beniyofuna ukuMenzela inkonzo na? Inkonzo ezedlula zonke obungayenza obungayenza njengoba enza.

<sup>187</sup> Khuphukela lapha, uzungeze i-altare umzuzu. Besinokuphulukiswa ubusuku obumbalwa bomzimba, ake sibe nokuphulukiswa komphefumulo. Kungani ungezi ukhuphuke kulobubusuku, futhi uthi, “Ngizothatha indlela yami nabambalwa abadelelekile beNkosi. Ngizosuka kusukela lapha kulobubusuku, futhi ngiphile impilo ezogeza ukungcola ezinyaweni zaKhe. Ngizophila impilo enjalo yobungwele, kuze kuthi kubo bonke engixhumana nabo bazokwazi ukuthi ngiye ngaxhumana noKristu. Ngizothatha indlela nabambalwa abadelelekile beNkosi”?

<sup>188</sup> Ungafuna ukuMenzela inkonzo na? Uma ufuna, ungenyukele lapha manje, futhi ume uzungeze i-altare umzuzwana nje, ngaphambi kokuba siye phambili enkonzweni na? Vele ume lapha, futhi uthi, “Ngifuna uku—ngifuna ukubeka indawo yami phandle lapho ukuba ngenzele uJesu inkonzo. Ngifuna ukuza e-altare kulobubusuku futhi ngivume zonke izono zami.”

<sup>189</sup> Ngicabanga ngowesifazane ompofu, omncane, okhubazekile, ekhala izinyembezi ebeke iduku lakhe emehlweni akhe, umzalwane ongumGrecki emehlisa.

Umfana osemncane, ekhuphukela lapha. Woza, mfana omncane, ungakhathazeki. Woza lapha, s’thandwa, uNkulunkulu uyakuthanda. UJesu uyakuthanda, mfana oyis’thandwa. Yima khona lapha.

<sup>190</sup> Nkosi Jesu, yiba nomusa kumfana omncane, Nkosi, amehlo akhe amancane athambile, ngikhulekela ukuthi Uzobuka phansi enhliziyweni yakhe, Nkosi, futhi ugeze sonke isono.

<sup>191</sup> Lona wesifazane oyigugu, ompunga ngezinwele, iminyaka isimshayile, futhi uyeza manje nezinyembezi zakhe, Nkosi. UyaKuthanda futhi ufuna ukuKwenzela inkonzo. Siphe khona, Nkosi, njengoba enza manje. Sula izinyembezi zakhe ngentethelelo yaKho, Nkosi, futhi umnike lokho akufunayo.

Omunye athathe indlela yakhe.

UNkulunkulu abusise... nakhu kuza enye indoda. UNkulunkulu akubusise, Mnumzane. Nkulunkulu, hlambulula zonke izono.

Yima khona lapha umzuzwana nje Dadewethu, makasukume.

<sup>192</sup> Baba waseZulwini, lendoda ingahle ingabaluleki emhlabeni, kungaba yindoda esebenzayo nje esebenza kanzima, indoda nje evamile imi lapha, mhlasi, uma uMongameli noma othile engeza edolobheni, bebengeke baze bakwazi, kepha uJesu ufikile yaMazi. Nkulunkulu, thethelela zonke izono, muphe, kulobubusuku, uMoya oNgcwele obusisiweyo, amanzi okuPhila njengoba emi lapha ngokuzithoba elindlele. Siphe khona, Nkosi.

Msindisi, Msindisi,  
Yizwa awami athobekile...

Khuleka manje. Wonke umuntu, cela nje uNkulunkulu, "NgingaKwenzela inkonzo na?"

Lapho Ubabiza abanye,

Wehlele edolobheni lenu kuleliviki, eninika imvuselelo, wafakazisa ukuthi Ulapha phakathi kwenu. Ngeke uze na?

Msindisi,...

UNkulunkulu akubusise. Lokho kuthatha isibindi ukwenza lokho.

<sup>193</sup> Baba waseZulwini, nika umfowethu i-insindiso yomphefumulo wakhe, Nkosi. Kwangathi sonke izono singagezwa ngeGazi eliyigugu leNkosi uJesu. Uyeza, Nkosi, ekholwa, Ufuna ukwenzela uNkulunkulu inkonzo. Umtholele indawo, Baba, mfake eMbusweni waKho kulobubusuku, futhi umuphe uMoya oNgcwele njengoba elindele ukuzwa impendulo yaKho ebuya ivela eZulwini. Ngiyacela, eGameni likaJesu.

<sup>194</sup> Omunye umuntu, phuma nje manje. Lendoda emi lapha, izinyembezi zigeleza emehlweni ayo, isandla esikhulu kakhulu, esimahhadlahhadla sibambe esami, ikuhlosile lokho, ubuqotho ngokujulile, ikuhlosile lokho. Ukuthi iyadlula ekufeni ingene ekuPhileni khona manje.

Nangu owesifazane oyigugu, omunye, omunye; owesifazane waseSpain uyeza, uNkulunkulu akubusise, dadewethu.

<sup>195</sup> Baba oseZulwini, busisa lona udadewethu. Kwangathi angenzela uJesu waseNazaretha inkonzo kulobubusuku, ngempilo yakhe, egeze lonke ihlazo kuleloGama eliligugu leNkosi uJesu. Siphe khona, Nkosi.

<sup>196</sup> Lona wesifazane omncane, eqhothile emahlombe akhe, umsebenzi onzima wezinsuku udlulile lapha, futhi mhlawumbe lezizandla ezindala ezibuthakathaka zisule izinyembezi ezihlathini zeziningi isihlathi sengane encane ekhalayo.



Kulobubusuku, Nkosi, kuneSandla esisodwa esingasula izinyembezi zakhe ngentethelelo, lesa yiSandla esasula ezowesifazane, futhi sathi, “Izono zakho, eziningi, zithethelelwe wena zonke.” Mbusise, Nkosi. Muphe lokhu, ngeGama likaJesu.

Nkulunkulu, omunye omile, esula izinyembezi emehlweni akhe, muphe, Nkosi, ukuPhila okuPhakade ngeGama likaJesu Kristu.

Omunye, Nkosi. UMoya waKho oNgcwele mawube phezu kwakhe. Ububonile uBukhona baKho, ngikhulekela ukuthi Uzombusisa manje. . . ? . . . Hlala nje. . . ? . . .

<sup>197</sup> Baba waseZulwini, ngibeka izandla phezu kwalona, laba besifazane lapha. Bafuna ukwenzela uJesu inkonzo. Siphe khona, Nkosi, ukuze banikezwe khona, eGameni leNkosi uJesu.

Umfowethu oligugu, Nkosi Nkulunkulu, kwangathi kulobubusuku, izono zakhe ziziningi, sengathi zonke zingathethelelwa.

Siphe khona, Nkosi, nakulomfowethu futhi.

<sup>198</sup> Ngeke uze na? Khuphuka uphume esihlalweni sakho, wena osivivi manje, uhlubukile, noma okuthize. Ungathathi ishansi kukho, mngane. Bukani ukuthi kwenzekeni lapha kuleliviki, izinto ezingakaze zenziwe kusukela ezinsukwini zikaJesu waseNazaretha. Kuchazani? Isikhathi sokuphela sesifikile.

<sup>199</sup> Uma ugodola kancane emoyeni wakho, kungani ungezi ukhuphuke bese uthi, “Nkosi, ngifuna ukuzehlukanisela kabusha. A—angenzanga izinto obekufanele ngabe ngizenzile.” Woza ngapha nalaba bantu abami lapha.

Nakho kuza imindeni yabantu beza. Ungeke weza wenyuke, wena osivivi, noma wena ongakaze umamukele uMoya oNgcwele na?

<sup>200</sup> Nakhu kuza izithandani ezisencane, zikhala izinyembezi, insizwa nentombi beza; osekhlulile, besusa izinyembezi zabo emehlweni ngamaduku. Yilokho-ke.

Ukuthembela kuphela ekufanelekeni kwaKho,  
Ngingafuna ubuso baKho;  
Yelapha umoya wami olimele, ophukile,  
O, ngisindise ngomusa waKho.

Msindisi, Msindisi,  
Yizwa ukukhala kokuzithoba kwami;  
Lapho Ubabiza abanye,  
Mawungangedluli.

<sup>201</sup> Ungeke wasukuma na? Woza, wena odinga uKristu. Buka ukuthi Wenzeni kuleliviki. Khumbula, Ulapha manje, lowo ngu-ISHO KANJE INKOSI. Niyakwazi engikufundisile namuhla ekuseni ngesikhathi sokudla kwasekuseni. UMoya oNgcwele, iNgelosi kaNkulunkulu, ikhona khona lapha manje, futhi ilokhu

ingixwayisa, “Qhubeka nokubiza. Kukhona okhona phandle lapho ofanele eze.” Woza. Khumbulani, angeke ngibe necala ngaloloSuku lokwaHlulela.

<sup>202</sup> Lungisa indlela yakho manje, ngoba Yena, i—iNkosi uNkulunkulu, ukuthi leliviki lehlukanise imicabango yezinhliziyiyo zabantu, liye. . . ilokhu ithi kimi, “Bamba ubizo lwakho, bagcine beza, kukhona othile phandle lapho, ofanele ngabe uyeza.”

Msindisi, . . .

Woza, Menzele inkonzo, ungeke na?

O, yizwa ukukhala kwami okuthobekile;  
Lapho Ubabiza abanye,  
O, ungedluli.

<sup>203</sup> Manje, wozani, bangane. Asinawo “amabhaluni kapeni,” futhi “isinyathelo esisodwa, izinyathelo ezimbili,” sinesinyathelo esisodwa kuphela, lokho okuphakame njengamadoda nabesifazane futhi beza kuKristu; woza uMkholwa.

. . . ukufaneleka,  
Ngingafuna ubuso baKho;  
Yelapha umoya wami olimele, ophukile,  
Ngisindise ngowaKho. . .

Woza manje, woza. Buka ukuma ngalapha.

Msindisi, . . .

Kuyamangalisa lokhu! Woza lapho amanzi esanyakaziswa.

. . . ukukhala okuthobekile;  
Lapho Ubabiza abanye,  
O, ungedluli.

Phakamisa isandla sakho, futhi ukusho ngokusuka enhliziyweni yakho.

Msindisi, Msindisi,

Phakamani manje. Khuphukelani e-altare. Sukumani. Khuphukani nizungeze i-altare lapha, asikhuleke.

. . . ukukhala;  
Lapho Ubabiza abanye,

<sup>204</sup> Yenzela nje uKristu inkonzo. Phumani phakathi kwezikhala zezihlalo bese nehla. Uthi, “Nansi inkonzo yami, Nkosi, ngizela ukuzokwenza isivumo esidlangalaleni. Nakhu la ngikhona, ngibenephutha, Nkosi, ngenze iphutha. Ngisize manje, ngiza ukuvuma isono sami.” Woza! Wonke umphefumulo wesono ocindezelekile woza.

Msindisi, Msindisi,  
O, yizwa ukukhala kwami okuthobekile;  
Lapho. . .

Kunjalo, Nenekazi eliseliNcane, ubungomunye wabo.

. . . biza,  
O, ungangedluli.

Msindisi, Msindisi,

Menzele inkonzo manje. Khuphuka. Makufike izinyembezi zokuphenduka manje.

Lapho Ubabiza abanye,  
O, ungangedluli.

<sup>205</sup> Kuthiwani ngawo wonke umKristu ophakathi lapha na? Ake senze ukuzahlukanisela kuNkulunkulu. Wonke umKristu ozelwe ngokusha, yima ngezinyawo zakho manje, futhi asenze ukuzahlukanisela kuNkulunkulu. Sondela eduze, uma ungakwazi. Ngena ngqo ngapha. Asenze ukuzahlukanisela kuNkulunkulu, ngamunye wethu. Sonke sifuna ukwenzela uKristu okuningi, wonke umuntu.

<sup>206</sup> Ngiyazinikela, Nkosi, konke engiyikho, ngikuthululela enkonzweni yaKho. Ngiyazinikela, Nkosi.

<sup>207</sup> Wonke umKristu, bazihlukanisele. Yini ebangele nina zoni ukuba nikhuphuke na? UNkulunkulu ukukhuphulele lapha. UNkulunkulu ulapha ukuze asuse izono zakho. Haleluya!


. . . biza,  
O, mawungangedluli.

Wonke umuntu:

Msindisi, Msindisi,  
O, yizwa . . .

Lokho kuzobhidliza amaqhwa alengayo, lokho kuzoqala imvuselelo, lokhu kuzoqala imililo ivuthe.

Lapho Ubabiza abanye,  
Mawungangedluli.

<sup>208</sup> Manje, wonke umuntu makaMdumise. Siphakamise izandla zethu, vala amehlo akho. Khulekani, khulekani nje uNkulunkulu aze athulule uMoya oNgcwele phezu kwalezizethameli, eGameni likaJesu Kristu. Udumo kuNkulunkulu. (Inkonzo, yithathe manje.) 

*INDODA ENESIHLUKU KUNAWO ONKE ESANTA MARIA* ZUL62-0630E  
(The Meanest Man In Santa Maria)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo kusihlwa, ngoJuni 30, 1962, eNational Guard Armory eSanta Maria, eCalifornia, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)